INDLOVUKAZI YASENINGIZIMU



. . .manje sisakhothamisa amakhanda ethu.

2 Nkosi enomusa, siza kuWe ngokuzithoba eGameni leNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu, ukuthululela kuWe ukudumisa kwezinhliziyo zethu, sizama ukuzwakalisa uthando lwethu nokubonga kuWe ngokuMthumela emhlabeni ukuthi ngenkathi siseyizoni, uKristu wathatha indawo yethu ekufeni, efa, Ongenacala ngenxa yabanecala.

3 Emhlabeni Wanikwa igama eliphansi kunawo onke elalinganikwa abantu, kodwa ngenkathi UMthatha umfaka ezandleni zaKho futhi waMphakamisa, Wemukela iGama eliphakeme kunawo onke eli—elinikezwayo. Wayengenandawo yokucamelisa ikhanda laKhe ngenkathi Esemhlabeni, kodwa manje Ubuka phansi ukubona iZulu esesiHlalweni saKhe sobukhosi. Siyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Usabuka phansi kulobubusuku, ukuthi Uzosikhumbula, umusa waKho mawuphumule phezu kwalowo nalowo wethu.

4 Ngokushisekela ekudingeni uMoya waKho, sizokhulekela umusa ngesoni, ongakholwayo, ngalabo aba. . . abazikhandle basuka endlini kaNkulunkulu, kwangathi bangahlwathuza endleleni yabo ebuyayo kulobubusuku. Phulukisa abagulayo, Nkosi, khombisa uBukhona baKho phakathi kwethu, futhi kwangathi kungebebikho obuthakathaka phakathi kwethu lapho sesihamba kulobubusuku. Sizwe, Nkosi, ngokuba siyakhuleka, eGameni leNkosi uJesu. Amen.

5 Ningahlala phansi. Bengingasho into eyodwa, ukuthi abantu ngempela abaphumanga baya esontweni kulobubusuku ukuba nje babonwe ebusukwini obunjengalobu; thina baseNingizimu besiyohlala ekhaya ebusukwini obunjengalobu. Kodwa kukhombisa ukuthi niyayithanda iNkosi, ngakho ngibonga kakhulu ngalokho, ukuthi niyayithanda iNkosi yethu ebusisiweyo.

6 Futhi manje, izinkonzo kusasa, ngicabanga ukuthi ngizoba nomfowethu eklasini lakhe leBhayibheli imizuzu embalwa ngaphambi nje kokuba ashumayele. Bese kuthi-ke, kusasa ntambama yinkonzo yokuvangela. Futhi kusasa kusihlwa ngukuvalwa kokuhlangana kwethu okuncane ndawonye. Futhi nje ngethemba kuNkulunkulu ukuthi nomaphi lapho ngiya khona, kusukela manje kuqhubeke iMelika yonke, bengingathola ukukholwa nabantu njengoba ngikutholile lapha. Kunjalo.

7 Ngakho nginemihlangano eminingana emikhulu ebhukiwe bese-ke ngiya phesheya kwezilwandle. Futhi ngakho sizo. . . Sikhulekeleni.

8 Futhi manje, uma niyizivakashi lapha, zangaphandle kwedolobha, ngineqiniso ukuthi uMfowethu Sumrall ubeyojabula kakhulu, une, ngani ukuba nibe lapha kusasa, futhi mhlawumbe unamaklasi abantwana nabo bonke. Ngineqiniso beniyokwemukeleka lapha kusasa ekuseni uma ningekho ebandleni lenu uqobo, nibe nebandla enizikhethela ukuya kulo, ngani, ngineqiniso ukuthi beniyokwemukeleka lapha.

9 Manje, kulobubusuku kuzoba ubusuku bokugcina emateyipini. Nina bantu ninemishini yamateyipu futhi niyathanda ukuzwa igama lenu nokuthi uMoya utheni kini emgqeni, uMfowethu Mercier lapha ungomunye wabahambisana nami emhlanganweni, ungu—ungumqophi noMfowethu Goad, bathatha lamateyipu, nezincwadi, kanjalonjalo. Manje, kusasa ngeke babenakho, ngoba asikaze sibavumele ukuba bathengise noma benze noma yikuphi ukuthengiselana kwebhizinisi okunjalo ngeSonto. Ngakho, besingajabula uma beningakunakekela lokho kulobubusuku uma nikufisa.

10 Manje, ngifisa ukuphenya okokufundwa komBhalo kuleliBhayibheli elibusisiwe. Uma iNkosi ithanda, kusasa ntambama, noma, kusasa ebusuku ngicela lokhu, umculi ongumvangeli, ngikholwa ukuthi ungumculi wasekhaya lapha, loMfowethu Golden. Nginerekhode lakhe kulokhu ukusa, ngikuthanda ngempela ukucula kwakhe. [UMfowethu Branham uyakhwehlela—Umhl.] (Uxolo.)

11 Namanenekazi amancane aculayo, nawo, angikhumbuze umkami nos'bali wami wesifazane ngenkathi ngiqala ukushumayela, iTabernakele elincane lamaBaptisti, bacula ngaso sonke isikhathi, os'cula ngabathathu abancane kanjalo. Kulethe izinkumbulo ezindala, ngenkathi abazalwane besakhuluma, angikwazanga ukuvimba iso lami kuleyonkundla. Futhi ngakho, ngifuna acule kusasa ebusuku futhi ngimcele uma ethanda ngaphambi komlayezo, *IziHluthulelo*, Futhi ngifuna ukushumayela ngokuthi *IziHluthulelo ENhliziyweni*, iNkosi ithanda, ngaphambi nje kwenkonzo yokuphulukisa.

12 Futhi ngenkathi kulentambama, ngicabanga egumbini lami lasehhotela, indikimba encane nje ewele enhliziyweni yami engiyisebenzisile ngaphambili, kodwa ngicabange ukuthi kungahle kube kuhle kulobubusuku ukukuxoxa nje.

13 Niyabo, emva kokuba segumbini ngikhuleka, ngiza epulpiti lapha, ngikhulekela abagulayo phansi kogcobo lombono, nguMoya ohlukile kunokushumayela. Niyabo? Konke nguMoya ofanayo, kodwa isiphiwo esehlukile. Futhi ngakho, lapho uzithintitha kanjalo usuka ogcobweni olulodwa uya kolunye, akubi nesisindo kukho obekuyoba naso uma nje uhambile ngqo wangena futhi uqala umugqa womkhuleko, kucace kakhulu ngaleyondlela lapho sinalemihlangano emincane.

14 Ngiyathanda ukushumayela kubo cishe ubusuku obuthathu futhi ngibavumele bathole amakhadi abo omkhuleko futhi ngibathole, ngibabambe futhi balinde futhi ngibe semkhulekweni bese-ke ngiqala inkonzo yokuphulukisa. Bese-ke ungena ngqo, uhambe wehlele emsamo, uhambe ukhulekele abagulayo.

15 Kodwa manje, izikhathi eziningi ningahle nimangale ukuthi kungani singatholi abaningi kakhulu. Awu, bekungaba njalo ukuthi besingagijima kadanyana emgqeni womkhuleko, kodwa kukhona omunye umhlangano ozayo. Awudingi ukuba ungibekezelele njengoba kwenza umkami, laphaya, nalabo engihambisana nabo. Impela kuyinto ephihlizanayo. Manje, noma ubani owazi umBhalo uyaqonda ukuthi umuntu, umuntu ofayo njengoba singuye ukuba abe nento ethize emgqeni wokungaPhezu kwemvelo, impela kuyakukhipha ukuphila kuwe.

16 Niyazi ukuthi—ukuthi imizuzu engamashumi amabili yokushumayela ngaphansi kokuphefumulelwa ikudiliza kanjani na? Kuhloliwe. Kukudabula kakhulu emizuzwini engamashumi amabili yokushumayela okuphefumulelwe kunamahora ayisishiyagalombili epiki nefosholo. Imizuzu engamashumi amabili, cabanga ngomehluko.

17 Manje-ke kuthiwani ngombono na? Umbono owodwa uzokwenza okuningi kuwe kunamahora amabili okushumayela. Niyabo? Ngoba ukuyisa endaweni lapho . . . Asikho isidingo sami sokuzama ukusho ukuthi ngiyakuqonda, ngoba angikuqondi futhi akekho omunye okuqondayo. Into nje esifanele siyisho, "Nkosi, Umuhle kithi futhi siyaKubonga," kuthi akube yilokho kuphela esingakusho. Ayikho indlela yokukuchaza, sifanele nje sikwemukele.

18 Manje ngifuna ukufunda eVangelini likaMathewu oNgcwele, isahluko 12, ivesi 42. Indikimba encane ejwayeleke kakhulu, mhlampe, mhlawumbe umelusi wenu ushumayele ngayo izikhathi eziningi.

> *Indlovukazi yaseningizimu iyakusukuma ekwahlulelweni kanye nalesisizukulwane, isilahle: ngokuba yavela* emikhawulweni *yomhlaba izakuzwa ukuhlakanipha kukaSolomoni; . . . bhekani, lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni.*

19 UJesu wayesanda kubizwa ngoBelzabule. Inkonzo yaKhe yayingatshaziwe, futhi Wayehlukanise imicabango yabo futhi azi ukuthi babecabangani. Akumangalisi yini futhi kuyinduduzo enjani ukwazi kulobubusuku ukuthi Usayazi imicabango yethu nokuthi sicabangani na? Imicabango yakho izwakala kakhulu eZulwini kunephimbo lakho emhlabeni, ngokuba UnguMahluleli wemicabango yengqondo, iZwi laKhe libukhali futhi liyashesha kunenkemba esika nhlangothi

zombili, lihlaba ngisho nase—emicabangweni yengqondo. Futhi Wa—Wazi izinto zonke, ngakho-ke Angakhulula zonke izinto njengoba uNkulunkulu ezokuvumela.

20 Manje, uJesu wathi, “Angenzi lutho, ngaphandle uma uBaba waMi eNgibonisa kuqala.” NoBaba wayeyoMkhombisa izinto futhi Uyokukhuluma.

21 Senake nama ukuba nicabange ukuthi singabantu abanenhlanhla kanjani balolusuku na? Siphila ekuvalweni komlando walelizwe, futhi siphila esikhathini lapho zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamile, nazo zonke izivumokholo ezehlukene, nakho konke lokho okwenzekayo, futhi nokho phakathi kwakho konke, uNkulunkulu wethu ugibela emagagasini futhi uqinisa iZwi laKhe phambi kwethu ngqo.

22 AbakaMohamede, bayinkolo enkulu kunazo zonke ngesibalo ezweni, abakaMohamede bedlula ngesibalo ubuKristu cishe kathathu. Abakhonzi bakaBuda bakhulu kunobuKristu, lokho ukuphosa iKatolika phakathi nabo bonke. UbuKristu kuphakathi kokuthi yindawo yesithathu noma yesine ezinkolweni zezwe. Kodwa akukho namunye wabo ongafakazisa okungaphezu kwenjulamqondo nje yokukukholwa, “Awu, uMohamede wayeyindoda enkulu, wafa futhi uyabuya futhi.”

23 Kodwa kwakukhona Oyedwa kuphela owake wathi, “Nginamandla okubeka ukuphila kwaMi phansi, namandla okukuvusa futhi,” bese-ke ekufakazela emva kokuba Esevukile.

24 Bekungaba khona izindaba eziyinganekwane bese uthi, “O, awu, akazange avuke.”

25 Esikhathini esithile esedlule ngenkathi uMfowethu Reidhead, ubani igama lakhe lokuqala na? [Umfowethu uthi “UParis.”—Umhl.] UParis, uParis Reidhead weza endlini yami. Manje, uParis Reidhead uyiBaptisti. Futhi weza kimi wayesethi, “Mfowethu Branham, ngazi ukuthi wawuyiBaptisti, ubufanele wazi iqiniso,” njengoba iBaptisti ikucabanga, uyazi. Wathi, “Anani lamaPentecostal na?”

Ngathi, “Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.”

26 Wathi, “Ngabizwa nguNkulunkulu ngenkathi cishe ngineminyaka eyisithupha ubudala,” futhi wathi, “Ngiye ndawo zonke, umama wami wangifundisa esikoleni.” Futhi wathi, “Ngenkathi ngithola iziqu zami, iziqu zami zebhashela yezobuciko,” wathi, “Ngangicabanga ukuthi ngiyothola uKristu lapho.” Wathi, “Ngenkathi ngithola iziqu zami zobudokotela, ngacabanga ukuthi ngizothola uKristu. Ngenkathi ngithola i LL.D. yami, ngacabanga ukuthi ngizothola uKristu.” Kodwa wathi, “Ngineziqu ezenele, kuze kube cishe bengingaplastela udonga lwakho ngazo.” Wathi, “Kodwa uphi uKristu na? AngiMtholanga kunoma yikuphi kwakho.” Uthi, “Ngabe othisha bebenephutha na?”

27 Ngathi, “Njengomuntu ongafundile njengami uqobo, impela bengingefune ukusho ukuthi othisha wayenephutha, bakutshele iqiniso, kodwa hhayi lonke iqiniso.”

28 UKristu akalele eziqwini, Ulele ekukholweni, uMkholwa kuMuntu uKristu.

29 Wangixoxela indaba kaMohamede owayekade ekhulisiwe, ngiyakholwa, ezimishini zabo, ngicabanga ukuthi kwakuyizimishini zaseSudan, kwakungesikho lokho na? Izimishini ezinkulu zaseSudan. Futhi lo okaMohamede esendleleni yakhe ephindela emuva, uMfowethu Reidhead wathi kuye, wathi, “Mnumzane,” ebuyela emuva, emva kokuba esefundiswe *ngenye into ethize*, eNdiya, wathi, “ubuyela emuva uyosebenza esizweni sakini njengo mhlawumbe unjiniyela kagesi,” noma yini ayeyithathile, wathi, “awubuyeli ngani neNkosi uJesu esikhundleni salowomprofethi ofile omkhonzayo na?”

30 Wathi, “Mnumzane onomusa,” wathi, “yini iNkosi yakho uJesu ebingangenzela yona engaphezulu kunokuba umprofethi wami engayenza na?” Wathi, “Bobabili babhala izincwadi, si—sibiza eyethu ngeKoran, nibiza eyenu ngeBhayibheli, futhi sobabili sikholwa izincwadi.”

“Ngani,” wathi, “mnumzane,” wathi, “uKristu wethu uvukile kwabafileyo, nomprofethi wenu kaMohamede usesethuneni.”

Wathi, “Ngabe wavuka kwabafileyo na? Ngingathanda ukumbona.” “O,” wathi, “wazi kanjani ukuthi wavuka kwabafileyo na?”

UMnu. Reidhead wathi, “Uphila enhliziyweni yami.”

Wathi, “Kanjalo noMohamede uphila enhliziyweni yami.”

Wathi, “Awu, sinenjabulo yokukwazi.”

31 Wathi, “Manje, Mnu. Reidhead, inkolo kaMohamede ingaveza nje eningi impela isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengobuKristu.” Wathi, “Singamemeza kakhulu nje, futhi sidazuluke kakhulu nje, sidanse kanzima nje, nayo yonke into ongayenza.” Wathi, “Kodwa thina bakaMohamede silindele ukubona nina bothisha nifakazisa ukuthi uJesu wavuka kwabafileyo.” Wathi, “UMohamede akazange athembise lutho, kodwa ukuphila emva kokufa,” wathi, “kodwa uJesu wethembisa kubafundisi bakhe ukuthi imisebenzi ayenzayo, bayoyenza, futhi. Silindele ukubona leyomisebenzi.”

Wathi, “Awu, mhlawumbe ucabanga ngakho emBhalweni lapho kaMarku 16 na?”

Wathi, “Leyo yindawo eyodwa, yebo, mnumzane.”

Wathi, “Awu, othisha abangcono bayazi ukuthi uMarku 16 kusukela evesini 9 kuqhubeke akaphefumulelwe ngisho, ngakho lokho kwaku . . . ”

Wathi, “Nhloboni yencwadi oyifundayo na? Yonke iKoran iphefumulelwe.”

32 NoMnu. Reidhead wathi wakhahlela uthuli wayeseshintsha indaba. Kunjalo. Ngenxa yokuthi wayazi, ekhuluma nje noMohamede, wehlulwa. Wathi, “Futhi, Mfowethu Branham, ngilapha ukuthola okuthize ngoNkulunkulu.”

33 Futhi lapho, uMorris, noma, uMfowethu Reidhead une, uParis Reidhead wemukele umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi ushumayela iVangeli nezibonakaliso nezimanga zilandela inkonzo yakhe ngenxa yokuthi wakholwa, wayelambele futhi omele ukulunga. UNkulunkulu wathi, “Bayakusuthiswa.” IZwi liyiqiniso.

34 NoJesu ekufundiseni kwaKhe lapha, Wayesanda kuba nokugxekwa okuningi, futhi babekade bekhuluma ngaYe, njengasezikhathini zonke lapho okungaPhezu kwemvelo kwenziwa khona, kukhona isixuku esixubile. Ngenkathi uMose enza okungaPhezu kwemvelo, isixuku esixubile sahamba naye, futhi kwabangela inkathazo. Njalo lapho okungaPhezu kwemvelo kwenziwa, isixuku esixubile siyahamba. Lemvuselelo iyaqhubeka manje, kukhona isixuku esixubile.

35 Osomlando bathi kwakungesiyo into exakile ukuthi uMartin Luther wayengabhikishela ibandla eliKatolika futhi azedlulele ngakho, kodwa ukugcina ikhanda lakhe phezu kwabo bonke ubuhlanya obabulandela iNguquko. Ngakho uyakuthola.

36 Kodwa kusho ukuthini okumbumbulu na? Kufakazisa kuphela ukuthi kukhona okwangempela, ndawondawo. Lapho ubona umuntu othize ebhuqa inkolo, khumbula nje ukuthi kukhona umuntu onenkolo. Lapho ubona umuntu enza sengathi unoMoya oNgcwele, kukhona umuntu othize onaWo ngempela. Kunjalo.

37 Lapho uya eNdiya, uthola bonke abahlekisi belele phezu kwezinto ezicijile futhi benza izinto ezincane ukwenza imali, lokho ngabahlekisi, umuntu othize oqotho emuva ngaphakathi lapho uyazisika ngempela futhi uyazilimaza ukuba azame ukushweleza konkulunkulu bakhe.

38 Njalo lokho okumeleyo nokuphikisayo, amanga neqiniso, imini nobusuku. NoJesu wayengukuKhanya kwezwe ngenkathi Elapha, futhi UngukuKhanya kwezwe kulobubusuku. Akukho okunye ukukhanya okungakuhola kukukhiphe emathunzini okufa, kodwa iNkosi uJesu obusisiwe.

39 Futhi kuyo yonke iminyaka uNkulunkulu ubenamadoda futhi Ubenenkonzo yaKhe kuyo yonke iminyaka. UNkulunkulu ungongaPhezu kwemvelo, futhi lapho uNkulunkulu efika enkundleni, okungaPhezu kwemvelo kuyenzeka, ngokuba UngongaPhezu kwemvelo. Futhi abantu baKhe njalo baMbheka kokungaPhezu kwemvelo, ngoba lapho beba ngamadodana kaNkulunkulu, baba yimvelo kaNkulunkulu. Futhi kulokho

bacosha lokho beMkholwa, ngokukholwa bayakholwa ukuthi lokho uNkulunkulu akushoyo kuyiqiniso, akunandaba ukuthi kungabonakala kuphambene kanjani.

40 Njengo-Abrahama wasendulo, wabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona, ngoba uNkulunkulu washo njalo. Futhi lapho ekhula, ingane yathenjiswa iminyaka engamashumi amabili nanhlanu, neBhayibheli lathi waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi elindele isithembiso ngoba kuyoba yisimangaliso esikhulu kakhulu. Futhi sizibiza ngabantwana baka-Abrahama, futhi angeke silinde uNkulunkulu ngobusuku obubodwa uma Engenzi isimangaliso esivelele kithi.

41 Yingakho singakubambi ukuthi ukukholwa kuyini ngempela. Ukukholwa kuyinto ethize, kungahle kungenzeki esandleni sakho uma sikhubazekile, kungahle kungenzeki esweni lakho uma liyimpumputhe, kodwa ukukholwa kuthatha ukuma kwakho okunesizotha enhliziyweni, futhi kusukela lapho ubiza noma yini ephambene nalokho lokho kukholwa okukushoyo ngokungathi yayingenjalo.

42 Kodwa isixuku esixubile, noJesu wathi, uqala ukukhuluma kubo ngeminye iminyaka, kanjani ukuthi uNkulunkulu kusukela phansi onyakeni ubehlala njalo enza okungaphezu kwemvelo, futhi Wayebhekisela emuva kumprofethi, uJona, khona-ke Wehlela kulowo esifisa ukusekela lemicabango embalwa ngakhona okwemizuzu eyishumi nanhlanu kuya kwengamashumi amabili elandelayo, lokho kwakusezinsukwini zikaSolomoni.

43 Kuyo yonke iminyaka lapho uNkulunkulu ethumela isiphiwo kubantu, futhi bayasala, kwenza abantu kuphela bangene enxushunxushwini, kodwa lapho abantu bekholwa futhi bemukela lokho uNkulunkulu abathumelela khona, ngu—ngunyaka wegolide walabobantu. Akusho enkonzweni yaKhe uQobo: “Kukangaki Ngithanda ukunifukamela, njengesikhukhukazi sifukamela amachwane aso, kepha anivumi!” Babengalwazi usuku lwabo. Futhi ngiyazibuza nje uma thina njengeMelika silwazi usuku lwethu lokuhanjelwa.

44 Futhi ngingahle ngisho lokhu njengamanje ngoba uMoya oNgcwele ubonakala ukubeka enhliziyweni yami: Qaphelani, uSathane uzozama ukunitshela ngento ethize enkulu, kude le komunye unyaka ozayo, noma okunye ukuza kwenye imvuselelo, futhi ungahle uphile engxenyeni yokugcina yakho konke oyoke ukuthole. Kungahle kube manje. Bekuhlala njalo kungaleyondlela. Bayafika, nemvuselelo ayisekho, futhi abakwazi. Mina uqobo, ngikholwa ukuthi sisekupheleni, angibheki lutho olunye kodwa ukufika kweNkosi. Ngikholwa ukuthi yonke into Eyayethembisa emiBhalweni igcwalisekile. Futhi ngikholwa ukuthi sithola ubizo lwethu lokugcina.

45 Yingalesosizathu, ngikhathele futhi ngikhandlekile ngimi emsamo ubusuku nobusuku. Futhi niyazi akusikho okwemali, akusikho okokuthandwa ngabantu, ngiyazigwema lezozinto, kodwa yingenxa yokuthi yiNto ethize kimi engiqhubayo, futhi ngiyazi nguMoya oNgcwele, ukuthi uMlayezo ufunisisa ezweni lonke emuva naphambili, kuze kuthi zonke izinhlanzi zibanjiwe enethini leVangeli.

46 Qaphelani, uma abantu bekwemukela, khona-ke kunemvuselelo enkulu nesikhathi esikhulu sejubili.

47 Manje, Wayebhekisela kuSolomoni. UNkulunkulu wavusa uSolomoni njengomfanekiso kaKristu, indodana kaDavide, futhi wamupha isiphiwo. O, wonke u-Israyeli wabuthana kanjani ngakulesosiphiwo! Basithanda kanjani lesosiphiwo, ngoba sivela kuNkulunkulu siya kubo! Futhi noma yisiphi isiphiwo asinikwa umuntu, kuphela okwenkonzo, uba yinceku yabantu ashumayela kubo futhi ukhonzisa isiphiwo uNkulunkulu amnike sona. Akusikho okwenzuzo yakhe, kungokwenzuzo yabantu.

48 NoNkulunkulu wavusa uSolomoni futhi wamnika isiphiwo esikhulu nabantu bonke babuthana ngakuso, abaFarisi, abaSadusi, noma bangaba yini. Futhi noma ngabe uvela eqenjini labaFarisi, noma umSadusi, noma yiliphi ihlelo okwakuyilo, bona nganhliziyonye bonke babuthana ngasemgomweni: Lokho uNkulunkulu ayekwenzile. Futhi omunye watshela omunye, nomunye watshela omunye, kwaze kwathi bonke abedlulayo baqala ukuzwa ngakho, futhi bakuthatha bakuyisa ezweni lakubo.

49 Bekungeke yini kube yinto emangalisayo uma thina ebandleni laseMelika kulobubusuku besingadlulisa kuphela izindaba ezinhle zisuke komunye ziye komunye kanjalo na? Bekungeke yini kumangalise uma kungazange kushanele kusuka esizweni kuya esizweni ngokulunga uNkulunkulu asikhombise khona lapha na? Kodwa thina, o, sinomoya wobuqembu kakhulu. “Akukho ehlelweni lethu, ngakho asazi noma kungaba yiqiniso noma qha.” UNkulunkulu njalo ukhetha umuntu ngamunye ukuba asebenze kuye, hhayi ihlelo. Ngitshele kanye ukuthi uNkulunkulu wake waba nomoya wobuqembu ehlelweni. UNkulunkulu kuyo yonke iminyaka usebenze ngabantu ngamunye. Impela.

50 Futhi ngazo zonke izikhathi kuwo wonke umlando, uNkulunkulu njalo wayevusa indoda ngaphandle kwehlelo, futhi wabusisa leyondoda futhi wayinika inkonzo, uMartin Luther, uJohn Wesley, kwehle njalo, ubehlisele nje onyakeni, othile ongaphandle kwebandla, ngoba lizithola selifana nesizwana, bese kuthi-ke uNkulunkulu angeke esahamba kulo, liba wugqinsi, likhuphula imfundiso yalo, bese liyiphetha ngo-ngqi, “*Yilokhu* esikukholwayo futhi lutho olunye.”

51 Amatafula enu emfundiso ayoba kahle uma beningakuphetha ngokhefana, "Siyakukholwa *lokhu*, kanye nokuningi esingakuzwa kuNkulunkulu." Lokho bekungalunga-ke, bekuyoba . . . khona-ke ubuyoba ngongakhethi-hlelo. Futhi, o, abantu baba kanjani, futhi yingalesosizathu uMlayezo ungakwazi ukushaya indawo lapho Ofanele ushaye khona.

52 Futhi bengicabanga lapho ngokuthi uJesu wakhuluma kanjani ngoSolomoni, nokuthi abantu beza kanjani futhi behamba, bezwa uMlayezo. Futhi ezansi le emikhawulweni yezwe elaziwayo, kwakukhona owesifazane omncane owayeyindlovukazi, umhedeni, ezansi le eSheba, futhi wezwa, wonke umuntu odlulayo wathi, "Ufanele wenyukele kwa-Israyeli. UNkulunkulu wabo ubavusele indoda enesiphiwo esikhulu, nalesisiphiwo sisebenza ngokumangalisayo. Yisiphiwo sokubona okufihlakele, futhi ufanele usibone sisebenza."

53 Niyazi, iBhayibheli lathi, "Ukukholwa kuvela ngokuzwa." Futhi wonke umuntu edlula futhi ebhekisisa lesisimangaliso esikhulu senziwa nguSolomoni ekwahlukaniseni kwakhe umoya. Ekugcineni, indlovukazi encane iqala ukulamba, yazibuza ukuthi lokho bekungaba yiqiniso yini ngempela.

54 Kwase-ke kufika omunye, "O, ufanele ukubone! O, asikaze sibone noma yini enjengakho! BanoNkulunkulu onamandla phezulu lapho kwa-Israyeli, nangakulesisiphiwo, banhliziyonye. Akekho osho noma yini emelene naso, kodwa wonke umuntu uyasikholwa." O, bekungeke yini kumangalise lokho, ibandla belingakwenza lokho na?

55 Manje-ke qaphelani, indlovukazi encane iqala ukulambela ukukubona. Yayifuna ukukubona. Futhi, niyazi, kukhona okuthize nje ngamandla kaNkulunkulu uSomandla ukuthi lapho okungaPhezu kwemvelo kwenziwa, yonke inhliziyo ekahle ngempela noNkulunkulu, ilangazelela ukukubona. Umuntu uyisidalwa esingaphezu kwemvelo, uvela emva kwekhethini elimnyama lapho, uyaphuma emva kwalelokhethini elimnyama, ulangazelela ukubuka ngaphesheya kwekhethini futhi abone lapho evela khona, nokuthi uyaphi. Kungokwemvelo kuphela ukuthi umuntu uyokwenza lokho, ngoba ulangazelela ukukwenza.

56 Lapha esikhathini esithile esedlule eCalifornia, ngangihlezi emhlanganweni ngizifihlile, kunjalo, ngoba umfowethu wayeshumayela. Futhi ngangihlezi lapho nje ngigqoke okwehlukile kancane, futhi kwenzeka ngahlala ngakumfundisi ongum-Episcopalian. Nomfundisi emsamo, emva kokuba esekhulume cishe ihora nohhafu, wabuyela emuva emva kwamakhethini nenceku yashintsha izingubo zakhe wase ebuya waphuma ngoba wayejuluka.

57 Yilokho nje lowomfundisi ongum-Episcopalian ayekufuna, wathi, "Akaziphathi njengenceku kaKristu."

Awu, angicabanganga ukuthi kwakukukhulu kakhulu mina uqobo, kodwa ngangiqinisekile ukuthi ngizommela umfowethu emsamo.

Ngathi, “Ngicabanga ukuthi ukahle.”

Wathi, “Ngabe ungomunye walaba na?”

Ngathi, “Angisuye owalelibandla, qhabo, mnumzane.”

58 Wathi, “Uyazi ukuthini?” Wathi, “Eminyakeni edlule,” uxolo, kwakungesiyo i-Episcopalian, kwakuyiPresbyterian, wathi, “sasinamabandla amakhulu kunawo onke kuleWest Coast, sasithungele yonke into phansi,” futhi washo ukuthi “leyonkolo-ze yeChristian Science iyafika,” futhi wathi, “bephule amabandla ethu.” Futhi uthi, “Kubukeka sengathi lomfo uzohlakaza iChristian Science.”

59 O, ngacabanga ukuthi leyo bekuyindawo enhle nje kimi ukuba ngifake okuncanyana, ngakho ngathi, “Mnumzane, uma nina maPresbyterian beniyophakela abantwana iSinkwa sokuPhila, beniyolokhu niyibandla eliholayo, kodwa uma ningeke nikwenze, uNkulunkulu angamvusela u-Abrahama abantwana kulawamatshe. Uzokondla iBandla laKhe, Wethembisa ukukwenza.” O, imisebenzi emikhulu kaNkulunkulu ophilayo!

60 Kwase kuthi-ke lona wesifazane omncane, emva kokuba kade ezwa ngalokhu, wacabanga ukuthi wayezohamba azibonele lokhu. Leyo yindlela enhle yokuthola: Ungathathi izwi lomuny’umuntu ngakho, hamba uzitholele wena. Hlala ngenhliziyo eqotho, vula inhliziyo yakho, futhi uthi, “Nkosi, manje sebenzana nami.” Futhi kuhlole ngemiBhalo ukubona ukuthi kuqinisile yini.

61 Futhi yanquma ukuhamba ngoba iZwi lalitshaliwe futhi yafisa ukukubona. Ngifuna niqaphele, njengoba kwakunjalo ngalowo wesifazane omncane, kunjalo ngawo wonke umuntu oza kuNkulunkulu: Kukubiza inani. Into yokuqala, okokuqala nje wayengowesifazane. Futhi wayefanele anqamule ugwadule, hhayi ngeCadillac efakwe isishayisamoya, noma hhayi kwenye enkulu, enhle, imoto kanokusho, kodwa ehlezi ngemuva kwekameli.

62 Bukani ibanga phakathi kweJerusalema nezwe ayevela kulo, kwamthatha okungenani izinyanga ezintathu ukuza kuSolomoni emhlane wekameli. Futhi besingeke neze, emotweni enhle, sishayele imayela ukuya emhlanganweni womkhuleko. Umehluko onje pho!

63 Futhi isiphiwo sikaNkulunkulu, isikhathi esiningi sithi, “O, umbhedo, akukho lutho kukho. UDkt. Jones washo *ukuthi-nokuthi*, nalokho kuyakuxazulula.” Yingalesosizathu singafinyeleli ndawo. Yileyo indaba ngezwe kulobubusuku,

yileyo indaba ngebandla kulobubusuku. Ukuba kuphela belilwazi usuku lwalo!

64 Manje, qaphelani, ogwadule ngalezozinsuku abantwana baka-Ishmayeli wayelapho, futhi babengabaphangi. Wayefanele acabange ngalokho, wayengaphangwa. Ngakho washo lokhu: "Ngizokwenyuka ukuba ngizibonele, futhi uma kuyiqiniso, ngizokwesekela ngakho konke enginakho." Futhi wethwesa amakameli akhe ngegolide namakha; waletha umnikelo ngempela.

65 Uma kwakuyiqiniso, wayefuna ukukwesekela; uma kwakungesilo iqiniso, khona-ke wayengabuyisa izipho zakhe. Kodwa manje-ke u—ukwethuka okunje pho okwakuyoba yikho kulawo ma-Arabu ngalolosuku ogwadule ukubamba lolodwendwe oluncane luza ludabula lapho namasosha akhe amancane, nalona wesifazane oyindlovukazi encane ehlezi phezulu phezu kwekameli, nezincekukazi zakhe ezincane ngakuye, ukuba nje bagibele bangene futhi babadubule phansi futhi bazithathele wonke lowomcebo omkhulu.

66 Kodwa uma kukhona ukulamba enhliziyweni yakho ukubona uNkulunkulu, abekho odeveli abenele kukho konke ukuhlushwa ukuba bakuvimbele ekuMboneni. Uzokwenza indlela lapho kungekho-ndlela uma ufuna ngempela ukuMbona futhi uqotho enhliziyweni yakho.

67 Wadingeka acabange ngalezozinto. Kodwa lapho ukukholwa kuthatha ukuba ngokokuqala, ayisekho indawo yokwesaba, kuyakulahla. Wayenokunye okuhlukile, lokho kwakungukubona ukuthi lesosiphiwo sasiqinisile yini. Ngakho, wethwesa amakameli akhe ngegolide nezinto ezibizayo, futhi wagibela ikameli wayeseqala, mhlampe, ehamba ebusuku, kuphole ngokuthe xaxa ukunqamula oGwadule olukhulu iSahara, njengoba enyuka edabula ezihlabathini. O, inani elinje pho, uhambo olunje pho, kodwa impokophelo enje pho eyayikuqeda konke, ngoba enhliziyweni yakhe kwakukhona into ethize elambile neyomele ukuthola ukuthi ngabe wayekhona yini uNkulunkulu ngempela owayengaphendula.

68 Manje, wayengesuye umKristu, wayengumhedeni. Ngakho wayekhuphuka ukuyothola ngaloNkulunkulu, kwakwethulwe kuye ngendlela emangalisayo, Lowo Owenza okungaphezu kwemvelo, ngakho nangu eza. Kwase kuthi-ke lapho efika esangweni lesigodlo, akazange eze nje ukuzohlala imizuzu eyishumi nanhlanu bese ethi, "Ngizobhekisisa futhi ngibone ukuthi kuqhubeka kanjani, uma ngingakuthandi, ngizobuyela emuva." Wethula umthwalo amakameli, wagxumeka amathende, futhi wahlala waze wakholiseka.

69 O, uma abesilisa nabesifazane bebeyokwenza lokho kuphela, esikhundleni sokudweba umbono wenu futhi niphume ngesinyelela emizuzwini embalwa ngoba umshumayeli usho into

ethe ukwehluka kancane esayenseni yenu yezenkolo! Uma nje beniyokholwa futhi nihlale lapho, uNkulunkulu Uzozembula kini. “O, ngethamele ubusuku obubodwa, angicabanganga kakhulu ngakho, ngakho ngavele ngasuka nje.”

70 Hhayi yena, wathi, “Ngizokubona konke.” Ngiyakuthanda lokho. Kuboneni konke, kufakazeleni, nithole ukuthi kuyiqiniso noma qha. Uma kungesilo iqiniso, ungazihlanganisi ngalutho nakho; kodwa uma kuyiqiniso, kufanelwe yiwo wonke ama-awunsi nayo yonke imizamo esingayiveza ukukhonza uNkulunkulu weqiniso nophilayo.

71 Ngakho wakhuphukela lapho, wehlisa umthwalo amakameli akhe, weza ukuzohlala kwaze kwaphela. Futhi sengiyayibona indlovukazi encane, njengoba kwakunjalo, ngokusa kokuqala ngenkathi umhlangano usuhleliwe, uSolomoni waphuma futhi wahlala esihlalweni sakhe. Futhi esahlezi lapho, baletha kuye izinto ezinzima. Futhi sengiyayibona lapho imi emuva ekhoneni noma ndawondawo egcekeni elikhulu lesigodlo lapho, noSolomoni ehlezi nabantu bayeza, ibone uMoya kaNkulunkulu ophilayo uhamba ezinhliziyweni zabantu futhi unikeza ukwehlukanisa kokomoya kokulungile nokungalungile.

72 O, kufanele ukuthi kwayixhuxhumisa inhliziyo yayo! Yathi, “Umhlangano wasekuseni ubumkhulu kakhulu, ngikholwa ukuthi ngizohlala nje kuze kube ngumhlangano wakusihlwa.” Ngakho ngenkathi uSolomoni ehlala futhi, futhi yabona uMoya kaNkulunkulu uhamba kuleyondoda, o, kwaqhubeka kwakha ukuzethemba okukhulu nokuzethemba okukhulu. Futhi ekugcineni, emva kwesikhashana, yayineliseke kakhulu yaze yahamba futhi yathola iminikelo yayo yayisiyibeka phansi futhi yazethula, futhi nakhu eyakusho: “Konke engikuzwile kuyiqiniso; futhi okungaphezu kwalokho engikuzwile kwenziwe.” Yahlala. Kwenzekani na?

73 UJesu wabhekisela kulowo wesifazane, wayengakaze alizwe iVangeli ngaphambili, kodwa phezu kokuzwa uyeza futhi walihlola, futhi wathola ukuthi kunjalo, ngakho uJesu wathi, “Iyovuka ngoSuku lokwaHlulelwa, futhi izonilahla nina sigejane sabazazisayo, abaFarisi abafundile abebefanele bazi okwehlukile, futhi bakwalile.”

74 Ngikusho lokhu ngokuzithoba njengenceku kaKristu: Ngikholwa ukuthi amaLawu e-Afrika azovuka ngoSuku lokwaHlulelwa, futhi ayilahle le-United States; ngokuba uma ukushumayela okunamandla, nezimvuselelo ezinamandla, nezibonakaliso ezinkulu beziyoshanela i-Afrika njengoba inalesisizwe lapha, bebeyophenduka kudala, nemililo yokunqoba ibiyobaswa kuwo onke amagquma.

75 Kodwa sihlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku singayi emihlanganweni yomkhuleko ukubukela uhlelo oluthile lwethelevishini esingafanele ngisho siluvumele luvulwe endlini

yethu. Futhi naphezu kwazo zonke izinto eyenziwe, sigxambuza ngqo esonweni nsuku zonke. “Bephika . . . Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika.”

76 Kuzoba njani ngaloloSuku lapho leyondlovukazi encane ivuka kulesisizukulwane, lapho abanye bengeke beze ngaphesheya kwedolobha, noma ngaphesheya kwesitaladi ukuzohlola noma yini futhi babone ukuthi ilungile yini? Uma ilungile, asifake yonke inhliziyo yethu kuyo; uma ingalungile, ungazihlanganisi ngalutho nakho. Uma kungekho eZwini likaNkulunkulu, khona-ke kuyiphutha; uma kuyiZwi likaNkulunkulu nesithembiso saKhe, uNkulunkulu ubophezelekile esithembisweni saKhe, futhi Uzoligcina lonke iZwi Alisho. Khona-ke uma Enza lokho kithi, kukhombisa ukuthi ngempela Unike iBandla kulobubusuku iziphiwo, nokubizwa, nezimanga ukuze Azilethe Yena uqobo phambi kwabantu.

77 Uyaphulukisa. Wonke umuntu phakathi lapha uphulukisiwe khona manje, iBhayibheli lithi uphulukisiwe. Sonke isoni ngaphakathi kulomnyango, futhi sonke isoni emhlabeni sesivele sisindisiwe, futhi sasindiswa kusukela ekufeni kukaJesu eKalvari.

78 Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngasindiswa eminyakeni eyishumi edlule.”

79 Qhabo, wakwemukela eminyakeni eyishumi edlule. Wasusa isono sezwe eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, kodwa ngukukholwa kwakho siqu emsebenzini osuqediwe okuletha imiphumela. Uma ungakaze ukwemukele, uzofa futhi ungenasihawu, ngoba wahlulela iNdodana kaNkulunkulu kanjalo.

80 Uma ugula kulobubusuku: “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; nangemivimbo yaYo waphulukiswa.” Yinkathi edlule. Akusikho ukuthi ngibeka izandla phezu kwenu, noma yimuphi omunye umfundisi ebeka izandla phezu kwenu, ngukukholwa okuqondene nomuntu emsebenzini osuqediwe uKristu awenzile. Impela.

81 Ngezikhathi zeBhayibheli ngenkathi bebone lokhu kubonakaliswa kukaMoya, babeka abantu esithunzini somdobi owayengakwazi ukubhala igama lakhe uqobo, owaziwa njengomphostoli uPetru, futhi baphulukiswa, bakukholwa. Kwakungekho lutho kulowomuntu okwakungabaphulukisa, ngokuba wayengumuntu nje. Kodwa ukuphulukiswa kwakulele ekukholweni kwabo siqu kuKristu owayekumuntu.

82 O Nkulunkulu, siphe kulobubusuku, ngumkhuleko wami, ukuthi wonke umuntu ophakathi lapha uzobona iNkosi uJesu emandleni aKhe amakhulu nokubonakaliswa kwaKhe koMoya waKhe, futhi aMemukele, futhi aphulukiswe, futhi asindiswe, sisakhothamisa amakhanda ethu umzuzwana nje ngomkhuleko.

83 Ngiyamangala kulobubusuku njengoba sihlezi namakhanda ethu ekhotheme eBukhoneni bobukhosi baKhe, ungaba njengaleyondlovukazi encane na? Ubungabukhombisa ubulula na? Lowo wesifazane wayengakaze afunde miBhalo egoqwayo yomBhalo, wadingeka nje akholwe ubufakazi, futhi kwamthatha izinyanga ezintathu ukufinyelela kukho ukuthola ukuthi ngabe kwakuyiqiniso noma qha. Lapho inhliziyo yakhe yeneliseka, futhi namhlanje ungongafiyo phakathi komuntu. UseNkazimulweni, futhi uzovuka ekwaHlulelweni nesizukulwane sabantu ababenethuba lokukwemukela, futhi abazange.

84 Wathini uJesu na? "Ngiqinisile, Ngithi kini lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni." Futhi ngisho nakulobubusuku, futhi ngikusho lokhu ngezinhlonipho nangenhliziyo ethobekile, futhi ngethemba ukuthi nizolinda umzuzwana nje futhi ningacabangi ukuthi ngithuka okungcwele ngokuphawula kwami: Lapha kukhona omkhulu phakathi kwethu kulobubusuku kunokuba kwakukhona Owasho amaZwi, ngoba UnguJesu okhazimulisiweyo. Wathi, "Ungahle usho okuthize okumelene neNdodana yoMuntu, futhi uyothethelelwa khona, kodwa izwi elimelene noMoya oNgcwele lapho Efika ukuzokwenza into efanayo, alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma ezweni elizayo."

85 Ngakho Lowo obephakathi kwethu, wafa wabuye wavuka ukhazimulisiwe eBukhoneni bukaNkulunkulu kulobubusuku, ubuya ngesimo soMuntu wesithathu kaziqu-zintathu, uMoya oNgcwele, futhi uhlala kithi, futhi uyanyakaza, futhi Azifakazise ukuthi uyiNkosi uJesu efanayo. "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, kini. Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza; emininginingi kunale niyakuyenza; ngokuba Ngiya kuBaba waMi." Ngiyamangala ngenxa yaloMbhalo, uma ufikile kulobubusuku, uma ungesuye umKristu, ungasiphakamisa isandla sakho, bese uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulekele njengamanje, mina lapha ngifuna ukuphakamisela izandla zami kuKristu futhi ngithi angiphilanga impilo efanele. Yiba nomusa kimi, Nkosi Jesu"?

86 Ngabe ukhona umuntu ezakhiweni, noma yikuphi egumbini elengeziwe noma yikuphi nje phakamisa isandla sakho, uthi, "Mfowethu Branham, angisuye umKristu, ngikhumbule, ngifuna ukulunga. Ngiza lapha kulobubusuku ngenhloso, ngiza lapha, ngizwile ngalokhu njengoba kade ushumayela ngesiphiwo iNkosi uNkulunkulu eyayisinike iBandla. Futhi ngempela angifuni ukushiywa ngaphandle ngaloloSuku. Angifuni nkathazo ezansi emfuleni lapho ngehlela emfuleni. Ngifuna ukuqiniseka ukuthi ngilungile. Ngikhumbule, Mfowethu Branham emkhulekweni wakho," njengoba uzofakaza ngokuphakamisa isandla sakho. Mhlubuki . . . UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Omunye umuntu na? Umzuzwana nje.

UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. Lokho kuhle. Omunye umuntu na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. Busiswa.

87 "Mina lapha ngizophakamisa isandla sami, Mfowethu Branham, kuNkulunkulu, futhi ngithi, 'Nkosi Nkulunkulu, ngize mhlawumbe eqhweni kulobubusuku njengoba indlovukazi iza phezu kogwadule. Mhlawumbe lobu ubusuku bami bokuqala lapha. Ngizwile ngalezizinto, ngifuna ukwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Futhi ngifuna ukhuleke, Mfowethu Branham, ukuthi inhliziyo yami izothobeka, ukuthi ngizovuma futhi ngikwazi ukwemukela uMoya kaKristu. Ngikhulekele." UNkulunkulu akubusise.

88 Manje, Baba waseZulwini, sicela umusa ngalaba abaphakamise izandla zabo. Soka yonke inhliziyo manje, futhi benginga . . . ngingahle ngime lapha ihora nehora, ngishumayela, futhi nokho iZwi elilodwa elivela kuWe, Nkosi Nkulunkulu, bengiyobala ngaphezu kwabo bonke abashumayeli ezweni abebengakusho eminyakeni, iZwi elilodwa nje elivela kuWe.

89 Futhi, O Nkosi, izinhliziyo zethu ezilambile zomile, "Njengendluzele ilangazelela umfula wamanzi, imiphefumulo yethu yomele Wena." Abaningi abangenayo kulobubusuku baphakamise izandla zabo ukuthi bebefuna ukukhunjulwa. Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzobapha kulobubusuku ukuchichima ngokwedlulele komusa waKho.

90 Busisa wonke umuntu ogulayo esakhiweni. Futhi njengoba ngisanda kusho kubo, ngiyakhuleka, Nkosi Nkulunkulu, ukuthi akweqanga ekhanda labo, kodwa kungene enhliziyweni ukuthi sebevele baphulukisiwe, amandla akho aveza lokho kulowomhlatshelo owenele konke eKalvari. Yilapho ukuthenga namandla okwanikezwa khona nomkhulu, umhlatshelo ophakeme wenziwa, nesidingakalo sikaNkulunkulu othukuthele kwahlangatshezwana naso, owalungisisa ikholwa, ngokwemukela inhlawulo yaKho ngezono zalo nokugula kwalo.

91 O Ongafi noMdali, yima eduze kulemizuzu embalwa elandelayo ukuthi iZwi laKho alizukufunyanwa lingesilo iqiniso, kodwa ukuze iZwi laKho libonakaliswe.

92 O Nkulunkulu oPhakade, oBusisiwe, yizwa umkhuleko wenceku yaKho njengoba ngikhulekela leliqembu elincane elike lalokotha eziphephweni zeqhwa kulobubusuku, ukuza ebandleni lilambile, futhi lomile, futhi lilangazelela. Bayazi ukuthi bavela ndawondawo, futhi baqonde ndawondawo.

93 O Nkosi, gxilisa okwehange konke ukukholwa komuntu lapho eKalvari. Futhi eNkosini yethu eBusisiweyo, ngenkathi Isemhlabeni, nokuthi i, ukuthi Yazenza kanjani izimangaliso, futhi yakhombisa ukuthi YayinguMesiya ngokwehlulela imicabango yabo, itshela uFiliphu ukuthi wayekuphi, futhi ngenkathi Ethola uNathanayeli nokuthi Yamtshela kanjani

uNathanayeli ukuthi wayengaphansi komuthi, yatshela uPetru igama lakhe, owesifazane wathinta ingubo yaYo, owesifazane waseSamariya akakwazanga ukuqonda ukuthi YayinguBani, wathi, "Ngiyabona ukuthi UngumProfethi, kodwa siyazi lapho uMesiya efika lezizinto zizokwenziwa." Wayengasho kanjani emva kwalokho, "Wozani nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?" Siphe, Nkosi, ukuthi lokho kuzoba ubufakazi balelibandla emva kwemizuzu embalwa elandelayo.

94 Baba Nkulunkulu, thatha amazwi manje futhi uwangcwelise, yipha manje ukuthi azoba ngukuphila kuzo zonke izinhliziyo, ngokuba uma Ubumi lapha esimweni sobuntu baKho, abantu bebezofanele babe nokukholwa ukuthola izinzuzo zoBukhona baKho.

95 Lapho Ungena emzini waKini uQobo, eKapernawume, naseNazaretha, naseGalile nangakhona ezindaweni eziningi, bathi, "O, sizwile ukuthi ukwenzile kwenye indawo, manje kwenze lapha." Nemisebenzi eminingi yamandla Ubungeke uyenze ngenxa yesono sabo, ukungakholwa kwabo. Futhi siyazi ukuthi leso yisono sasekuqaleni ukungakholwa, futhi ngempela isono kuphela.

96 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobusisa manje, njengoba sizinikela kuWe. Nalesisiphiwo esincane Ongivumele ukuba ngibe naso futhi ngikhulekela ukuthi Uzosebenza nje ngokwedlulele kakhulu kulobubusuku. Futhi bekuyosiza ngani, Nkosi, uma umuntu othize phandle lapho ubengenakukubamba ngokukhulu ukushesha futhi akholwe na?

97 Kwangathi kungaxhuxhumisa izinhliziyo zabefundisi, kwangathi bangavuka futhi baphakamise lezozandla ezibuthakathaka ebesilenga. Kwangathi iBandla lingathokoza, ngokuba siyazi ukuthi ukuhlengwa sekuseduze. Umusa uzembulile futhi okulandelayo kuzoba ngukwahlulelwa kulabo abadelele umusa. Siphe khona, Nkosi, manje sisezandleni zaKho. EGameni likaJesu Kristu, yiba nomusa kithi. Amen.

98 Kancane ngempela kuleliculo, ngiyakuthanda lokho. Bangaki olithandayo leloculo na?

Msindisi, Msindisi,
Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
Lapho Ubabiza abanye,
Mawungangedluli.

Akumangalisi uFanny Crosby omdala oyimpumputhe wayengabhala lelo.

Ubani enginaye emhlabeni ngaphandle kwaKho na?
Noma ubani eZulwini ngaphandle kwaKho na?

99 Asilicule ngokuthula futhi kancane futhi ngokuphefumulelwa eNkosini manje. Kulungile, othile angasiholela lona.

> . . . qhabo, O Msindisi omnene,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Lapho Ubabiza abanye,
> O, ungangedluli.

Manje ngokuthula futhi kancane manje.

> Msindisi, . . .

EMoyeni wokukhonza.

> . . . Msindisi,
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Mawungangedluli.

NiyaMthanda na? Phakamisani izandla zenu nje, kancane.

> Msindisi . . . (UNkulunkulu unguMoya futhi Ulangazelela ukukhonzwa.)
> Yizwa ukukhala kwami okuthobekile;
> Lapho Ubabiza abanye,
> Ungedluli . . .

Manje lihamisheni kancane.

100 Nkosi Nkulunkulu, Wena uyazibona izandla, ubuso, uyayazi inhliziyo. Ndawondawo phakathi kwalamakhadi omkhuleko ngifanele ngibize omunye, bazobizelwa emsamo. Futhi uma kuKuthokozisa kulobubusuku ukubonakalisa ukuvuka kweNdodana yaKho, iNkosi ebusisiweyo, kithi, yipha ukuthi laba phandle lapho abazukwedlulwa, kwangathi wonke umuntu angemukela izinzuzo zomusa waKho ohlawulelayo kulobubusuku namandla aKho okuphulukisa. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, ngenxa yenkazimulo yaKhe. Amen.

101 O, nje ngi—nje ngiyaluthanda loluhlobo lomhlangano. Anizizwa nje nikolojiwe ngempela kanjalo, into ethize evele yathatha konke ukulahlwa na? “Ngakho akusekho ukulahlwa kwabakuKristu Jesu, abangahambi ngokwenyama,” lokho iso labo elikubonayo nezindlebe zabo zikuzwe, “kodwa ngoMoya.” UMoya uyaPhilisa.

102 Manje, Mkholwe kulobubusuku, mngane wami. Bangaki obelapha izolo ebusuku na? Ake sibone izandla zenu. Bangaki ukuthi lobu ubusuku babo bokuqala na? Ake sibone izandla zenu. O, he! Khona-ke nina bobusuku bayizolo nizolinda nje umzuzwana, ngingathanda ukukhuluma nalabo olapha okokuqala emhlanganweni.

103 Bangane bami abathandekayo, angizisho ukuthi ngingumphulukisi, uma ngisho lokho, bengiyobe ngisho into

engalungile, ngingumfowenu nje. Angibaphulukisi abagulayo, ngikhulekela abagulayo, uNkulunkulu usevele ubaphulukisile. Sebevele baphulukisiwe ngenkathi uJesu efa.

104 Manje into kuphela uNkulunkulu angayenza ukwenza iZwi laKhe libe yilo ngempela, ngukuthola umshumayeli othize olungileyo ongashumayela iZwi; lokho kungokomthetho ne—nendlela yokuqala: "Ukukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa ngeZwi."

105 Uma bekunguwe uzama ukunikeza isitha, leso bekuyisitha sakho. . . Bengihlale ngicabanga, "Uma uNkulunkulu ezothethelela izono zezitha zaKhe, Angeke yini aphulukise ukugula kwabantwana baKhe na?" Bese kuthi-ke, uma ubungabeka phambi kwesitha sakho, kumbe noma ubani, futhi wabatshela izwi lakho, futhi abakukholwanga, futhi wasuka kukho, lokho bekuyokuxazulula kuwe nami, kodwa hhayi uNkulunkulu, Akathandi ukuba kubhubhe namunye. Ngakho Uthumela iziphiwo eBandleni ukwazisa uBukhona baKhe.

106 Futhi ngikholwa ukuthi sibe ngumhlanganyeli ngalolu izinsuku zokugcina eminyakeni engamashumi amathathu edlule, amashumi amane, besingabahlanganyeli kuzo zonke iziphiwo zikamoya esinconyelwe zona eBhayibhelini, uJesu azifela. Ngikholwa ukuthi lesi manje yisikhathi sokuphela.

107 Ngenkathi uJesu elapha emhlabeni, Akazishongo ukuthi ungumphulukisi. Ngabe bakhona abaqala ukufika, manje na? Wathi, "AkuMina owenza imisebenzi, NguBaba waMi ohlala kiMi, Wenza imisebenzi." UJohane oNgcwele 5:19, Wathi, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza, lokho iNdodana iyakwenza kanjalo."

108 Futhi ngenkathi Ezibonakalisa Yena uqobo ku-Israyeli, kuqala kwakukuPetru, futhi Umnika igama lakhe. Wayengamazi futhi engakaze ambone ngaphambilini, kodwa Wamtshela ukuthi wayengubani nokuthi igama likayise lalingubani. Bangaki nina bantu enikholwa ukuthi lelo yiBhayibheli na? UJohane oNgcwele isahluko 1, niyabo.

109 Ngenkathi uFiliphu esephendukile, wahamba futhi wafumana umngane, uNathanayeli, phansi komuthi, wamtshela, "Woza ubone engiMfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa."

Wathi, "Manje, kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?"

Wathi, "Woza, ubone."

110 Endleleni ezungezayo, wamyala, njengoba abangane bakho enawe uza kulobubusuku. Futhi ngenkathi engena eBukhoneni beNkosi yethu ebusisiweyo, Yambuka phansi, iNkosi yakwenza, yayisithi, "Bheka, nangu umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!"

Kwammangaza kakhulu ukuthi wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Amehlo anje pho! Amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba.

111 Kodwa Angabona phansi ngqo enhliziyweni yakho. Ungosezindaweni zonke. Niyakukholwa lokho na? Onamandla onke, ongenasiphelo, impela Unguye. Uyazi. . . Wayazi yonke into ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Ukhona wonke, unalo lonke ulwazi, onke amandla. Lokho kwafakazisa ukuthi KwakunguNkulunkulu kuYe.

Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.”

Wathi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu; UyiNkosi ka-Israyeli.”

112 Niyabo, babenomqondo wokomoya. O, ngifisa sengathi ngabe benginemizuzu embalwa nje lapha! Ninga—ningangibekezelela, ngithi (Ngizobuka iwashi elikhulu.) cishe imizuzu emithathu kuya kwemihlanu na?

113 Benazi yini ukuthi wonke uMzimba kaJesu Kristu wembulwa ngesambulo na? Benazi yini ukuthi izinto elotshwe eZwini, nifanele nifunde iBhayibheli nilifunde livaliwe na? Yindaba yothando. Niyakukholwa lokho na?

114 Manje, umkami ehlezi laphaya, ngiyamthanda; uNkulunkulu uyakwazi lokho. Futhi lapho engibhalela incwadi ngenkathi ngiphesheya kwezilwandle, futhi uyazi ukuthi ngikhathele futhi ngikhandlekile, uzohlala phansi, “Bill othandekayo, ngisanda kulalisa abantwana nje. Futhi kulobubusuku ngicabanga ngawe, futhi kade ngikukhulekela.” Manje, yilokho akushoyo, kodwa ngimthanda kakhulu, futhi uyangithanda, ngize ngikwazi ukuyifunda ivaliwe, ngiyazi ukuthi uchaza ukuthini ngempela. Niyabo? Wudaba lothando.

115 Futhi uma uthanda iNkosi kanjalo, funda iBhayibheli hhayi njengephephandaba, hhayi ngokwesayense yezenkolo, ukuhumusha kwasekholiji kwaLo, kodwa njengencwadi yothando, iBhayibheli lasho njalo. Manje, bangaki okwaziyo lokho na? Abanye benu.

116 Awu, uJesu wathi, “NgiyaKubonga, Baba, Ukufihlile kubafundi basekholiji, abahlakaniphile nabanokuqonda, futhi wakwambulela izingane zona eziyofunda.” Kufihliwe emehlweni abahlakaniphile nabafundile, kwembulwa ezinganeni zona ezizofunda.

117 Qaphelani, ngenkathi uJobe esenkathazweni futhi wa—wayeselungela ukufa wacabanga, neNgelosi yeNkosi yafika, noMoya wafika phezu komprofethi, nemidumo yaduma, imibani yabaneka, futhi wasukuma wayesethi, “Ngiyazi uMhlengi

wami ukhona. Futhi ngezinsuku zokugcina Uzoma emhlabeni, nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu." Niyazi ukuthi wambelwaphi na?

118 Nakho kufika u-Abrahama, futhi ngenkathi uSara, isithandwa sakhe, ngenkathi efa, niqaphelile lapho ammbela khona na? Ezweni lesithembiso noJobe ngqo. Ngenkathi u-Abrahama efa, wambelwa noSara.

119 U-Abrahama wazala u-Isaka, ngenkathi u-Isaka efa, wambelwa no-Abrahama. U-Isaka wazala uJakobe futhi wafa ezansi eGibhithe, kodwa wenza indodana yakhe engumprofethi yabeka isandla sayo enqulwini yakhe eqhugayo, wayesethi, "Funga uNkulunkulu ka-Abrahama, awuyikuwambela amathambo ami ezansi lapha." Ngani na? Kwenza mehluko muni lapho ambelwa khona na? Babengabaprofethi, isambulo sokomoya.

120 Futhi ngenkathi uJosefa efa, wathi, "Ningawambeli amathambo ami ezansi lapha, kodwa ngolunye usuku uNkulunkulu uzonivakashela, khiphani amathambo ami kuleliGibhithe, phezulu ngaleya ezweni lesithembiso futhi niwambele." Ngani na? Akukho lutho olulotshwe eZwini ngakho, kodwa kwakungukuqonda kokomoya. Babazi ukuthi ulibo lokuqala lokuvuka uMhlengi uJobe ambona lwaluyovuka, futhi ekuseni ngePhasika ngenkathi Evuka, nakho kufika u-Abrahama, u-Isaka, uJakobe, nabangcwele ababelele phansi kothuli lomhlabathi baphuma futhi bangena emzini futhi babonakala kwabaningi.

121 Qhubeka, ube nezwe, thatha konke ukungakholwa kwakho, yonke into oyifunayo, ungimbele ngokuphepha kuJesu, ngokuba labo abakuKristu uNkulunkulu uzobaletha kanye naYe ekufikeni kwaKhe.

122 Konke okugcina umthetho, nezinkambiso, kanjalonjalo, nje nginike iVangeli elidala elicacile ngendlela nje elilotshwe ngayo, mangikukholwe ebululeni okulotshwe kubo, futhi ngikukholwe njengoba nje umntwana ubeyokukholwa. UNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu uyasigcina isithembiso saKhe. Impela, Uzokwenza, lonke iZwi, UyaLigcina, futhi Ufanele.

123 Nokuthi Wazenza kanjani Yena uqobo wabonakaliswa lapho kumaJuda, futhi wona nesambulo sokomoya, noNathanayeli wakubona, uPetru wakubona, abaphostoli bakubona, bathi, "Leyo yiNdodana kaNkulunkulu." Kodwa bathini abaFarisi nabaSadusi abafundile na?

124 Manje, angizami ukwenza izinduku zokuqhugela ngokungazi kwami, kodwa ukukhuluma . . . imfundo iyinto emangalisayo, kodwa ibiyisithiyo esikhulu kunazo zonke iVangeli eselake laba naso. Akukaze kubekhona ebhareni elavimbela iVangeli njengomuntu onemfundo eningi kunokuba

benesibindi esijwayelekile ukwazi ukuthi kulawulwa kanjani. Kunjalo. Uthola imfundo kakhulu, wazi kakhulu kunoma uNkulunkulu azi ngakho. Vele ukuthathe ngendlela okulotshwe ngayo futhi ukukholwe, yileyondlela uNkulunkulu afuna ukwenze ngayo.

125 Khona-ke abaFarisi nabaSadusi bathi, "Lowo ngumoya omubi. Wembula lokho ngoBelzabule, induna yababhuli."

126 Khona-ke Wenyukela eSamariya, nowesifazane owayephile odumweni olubi, njengoba sikholwa lapha eMelika, ngakho waphuma waya emthonjeni ukuyokha amanzi, futhi nakho kuhlezi iNdoda ephakathi nendima yempilo. Wayenamashumi amathathu kuphela, kodwa iBhayibheli lathi Wayebukeka enamashumi amahlanu, umsebenzi waKhe ufanele ukuthi waMephula. Uyakholwa ukuthi iBhayibheli liyakusho lokho na? Impela Lakusho.

Wathi, "Uthi ubone u-Abrahama na? Awukabi ngisho neminyaka engamashumi amahlanu ubudala."

Futhi kuze kube nini . . . ? Nokho, Wathi, "Engakabikho u-Abrahama, NGIKHONA." Impela Waye . . . ? . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

127 . . . wabiza uJesu ngeNdodana kaNkulunkulu. Lapho, Wayelapho emthonjeni. Nalona wesifazane wathi, "Asinakudlelana okunjalo. Qhabo, akusilo isiko kini maJuda ukucela amaSamariya okunjalo."

128 Wathi, "Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obekhuluma kuwe, ubuyocela kiMi amanzi." Wayebamba umoya. Futhi njengoba . . . Manje khumbulani, Akakaze abonakalise manje, kumaJuda kuphela, lona ngabeZizwe, noma, kumaSamariya. Okungukuthi zintathu kuphela izinhlanga emhlabeni, abantu bakaHamu, uShemu, noJafete: umJuda, umSamariya, noweZizwe; Kuxubene umJuda uhhafu noweZizwe, kwakungamaSamariya.

129 Manje, futhi bukani, njengoba sivala, nalawomadodana amathathu, Uzofanele Azibonakalise lapha. Nizwile ngoPetru enezihluthulelo na? Wakuvula ePhentekoste, Wavula eSamariya endlini kaKorneliyu, khona-ke Kwavulelwa izwe. Niyabo?

130 UJesu Uzibonakalisa phansi kukaMoya wokuhlukanisa, esho izimfihlo zezinhliziyo nalapho ababekade bekhona kumJuda, bakholwa; abanye abakholwanga.

131 Manje, kumaSamariya, Wathi kowesifazane, "Hamba, ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

"Kunjalo, ubunamahlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho."

Bhekisisani ukuthi owesifazane wathini manje, abaqala ukufika, wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela lezizinto.” Wayengazi ukuthi WayenguBani.

Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

Wagijimela emzini wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Lesi akusiso yini isibonakaliso sikaMesiya na?”

132 Uma leyo kuyindlela Azibonakalisa ngayo Yena uqobo kumaJuda, futhi awenqabele ukuya kwabeZizwe (Bangaki okwaziyo lokho na? “Ningayi kunoma yibaphi abeZizwe.”), futhi Wazibonakalisa Yena uqobo kumaSamariya, iBhayibheli lithi, amaHeberu 13:8, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” Ubophezelekile ukwenza ukubonakaliswa okufanayo kwabeZizwe, futhi lokhu ukuphela kwabeZizwe.’ Sisekupheleni, khona-ke uNkulunkulu ulapha ukufakazisa ukuthi Ulungile. Futhi uma Ezofika futhi Azibonakalise ngezinceku zaKhe ezithobekile lapha kulobubusuku, sonke sizoMkholwa futhi siMthande futhi sikwemukele na? Kwangathi iNkosi ingasipha khona.

133 Izolo ebusuku ngicabanga ukuthi sibize kuqala ekhadini, ngikholwa ukuthi sibize kusukela kwelokuqala kuya kweleshumi nanhlanu. (Bekunjalo, elokuqala kuya kweleshumi nanhlanu na? Ngabe yilokho obekuyikho, mfowethu na?) Kulungile, sithathe ishumi nanhlanu lokuqala izolo ebusuku, asithathe ishumi nanhlanu lokugcina kulobubusuku. Lokho kuyoba amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Bekuyiluphi lolohlamvu na? U-I, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Ubani onekhadi lomkhuleko u-I, amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu na? Phakamisa isandla sakho.

134 Ngenkathi bonke beqala ukuphuma, abafana . . . (Ubani owakhiphile, Billy, uwe na?) UBilly uwakhiphile kulentambama. Uthatha nje futhi asukume phambi kwenu futhi axube onke amakhadi, aninike wona ngqo. Akukho-muntu, akekho—akekho owaziyo ukuthi lowomugqa womkhuleko uzobizwa kusukela kuphi. Khona lapha yindawo okwembulwa ngayo kimi lapha, ngiqala ndawondawo.

135 Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu. Phakamisa isandla sakho. Kulungile. Yima khona phansi lapha, nenekazi. (Yehlela lapho, ngiyacela.) Amashumi ayisishiyagalombili-nanhlanu, amashumi ayisishiyagalombili-nesithupha, amashumi ayisishiyagalombili-nesikhombisa, amashumi ayisishiyagalombili-nesishiyagalombili, amashumi ayishiyagalombili-nesishiyagalolunye, amashumi ayisishiyagalolunye kuqhubekele ekhulwini sukumani kuqala. Kufishane kancane nje khona-ke, yisikhala esincane nje, sizoma abantu abayishumi nanhlanu.

136 Kulungile. Bangaki phakathi lapha ongenawo amakhadi omkhuleko futhi ufuna iNkosi uJesu ikuphulukise, ningaziphakamisa izandla zenu na? Kuso sonke isakhiwo, nomaphi na?

137 Bangaki oke waba semihlanganweni ngaphambilini owaziyo ukuthi iNkosi uJesu iphulukisa abaningi phandle lapho ezethamelini kunoma Yenza phezulu lapha emsamo, izikhathi eziningi na? Kuyini manje na? Ngifuna ukunaka kwenu imizuzu embalwa nje manje.

138 Kuyini lokhu na? Kungokwani na? Ubani othola inzuzo na? Kuyinzuzo lokho . . . lowo iNkosi uJesu ezomembula Yona uqobo. Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli lathi, "Akekho ongeza kiMi, uma uBaba waMi engamdonsi kuqala"?

139 Kulungile, uma nje nizohlonipha ngokuzithoba ngempela phandle lapho, hloniphani ngokuzithoba nje, nithule, nigcine indawo yenu, khona-ke uNkulunkulu uyakwazi ukwembula kusukela khona lapha. Futhi uma Engakubizi ngamunye . . . Bangaki owaziyo ukuthi uma Engakubizi ukuthi Ufuna ukunenzela izinto ezifanayo Azenza lapha na? Ake sibone izandla zenu.

140 Bangaki okholelwa ekukholweni kwabo, uma uJesu ezobonakala kulobubusuku . . . ? Manje, Angabonakala kanjani na? IBhayibheli lathi Usenguye. Usenguye kanjani na?

141 Ngifuna ukunibuza okuthize, futhi ngikholwa ukuthi ngikushilo izolo ebusuku: Wazi kanjani ukuthi hlobo luni lwesihlahla olubukayo na? Ngesithelo esisithelayo, uJesu washo. Kunjalo na? Uma kuyisihlahla sama-aphula, sinama-aphula. Singahle sibe nexolo lomthombe kuso, kodwa uma sithela ama-aphula, ukuphila okungaphakathi kuso kungukuphila kwesihlahla sama-aphula. Ngabe kunjalo na?

142 Futhi uma nginitshele kulobubusuku ukuthi umoya kaJohn Dillinger ubukimi, awu, beniyongilindela ukuba ngiphakamise ibhantshi lami nezibhamu ezinkulu futhi bengiyoba ngumbulali, bekuyoba yingozi ukuba seduze kwami.

143 Ukuba-ke bengikutshele ukuthi umoya wengcweti ethize ubukimi na? Bengiyothatha useyili omkhulukazi kanjalo, ngime emuva lapho nebhulashi bese ngikupendela ulwandlekazi kahle nje, bese ngibamba lokho kukapaka okukhulu kwamagagasi, ngoba umoya wayo ukimi.

144 Futhi uma nginitshele ukuthi uMoya kaKristu ukimi, khona-ke Ubufanele uthele ubufakazi obufanayo bukaKristu, futhi uma uMoya kaKristu wawukuwe, Uyokuqonda. "Izimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi."

145 Manje kholwani nje. Khumbulani, ngithe akukho engingakwenza futhi akekho omunye umuntu ongenza noma yini enye ngaphandle kokushumayela iVangeli futhi akhuleke,

yilokho kuphela, ngaphandle uma uNkulunkulu emnika isibonakaliso ukuba asenze phambi kwabantu.

146 Ukuba-ke uJesu ubelapha kulobubusuku egqoke lesudu Angipha yona na? Uyenyuka, uthi, “Nkosi Jesu, Uzongiphulukisa na?”

Niyazi ukuthi Ubeyothini, “SeNgivele ngikwenzile. Awulikholwa iZwi laMi, eNgakusho emuva lapho na?”

147 Uma wawusesitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso futhi ngakuhlenga ngethikithi, ethikithini elilotshiwe ukuthi ngikuhlengile, omunye angakuhlenga kanjani na? Ngingakuhlenga kanjani futhi ngibe sengivele ngikuhlengile na? Udeveli ukufake esitolo esibolekisa ngemali kuthathwe isibambiso, uNkulunkulu uyakukhipha. Futhi Usevele ukwenzile, futhi into kuphela ofanele uyenze ngukuphuma nje.

148 Manje, besalayinisa abantu lapho, nje, nina eninamakhadi omkhuleko, woza manje ngoba bekungeke kulunge ukufaka noma ubani emgqeni obengenalo ikhadi.

149 Bangaki okukhumbulayo ukuphulukiswa kukaCongressman Upshaw na? Ngangimile nje ngikhuluma kanje, ngenkathi kwakukhona izinkulungwane zabantu zimi lapho, futhi babelungiselela ukushaya umugqa, ngase ngibuka laphaya, ngibone indoda endala, futhi yayikade isesihlalweni esinamasondo, o, kwakukhona nje izihlalo ezinamasondo yonke indawo eCalifornia.

150 Ngase ngibuka ngaphesheya, ngase ngibona umfana omncane edlala esitakini sotshani obomile, futhi wawa futhi washaya umhlane wakhe wanqamula onqenqemeni lohlaka, futhi kufanele ukuthi kwamephula umhlane wakhe. Ngibone udokotela nezibuko ezincane zilengela phansi ekhaleni lakhe, amadevu amhlophe nezinwele ezimhlophe, emsebenza, kodwa kwakungekuhle, sekuhambe kakhulu. Ngibabonile bebhora izimbobo endlini, ukuze abantu abahambayo, bekungeke kungqangqazele kwiphansi, wayemubi kakhulu. Futhi nje, into kuphela engingayisho yilokho engikubukayo.

151 Futhi kwathi nje ngaleyonkathi, ngabona nakho kufika indoda enkulu, isikhulumi esidumile, nombono wahamba. Ngaqalaza futhi angimtholanga. Futhi babesanda kumngenisa nje, ngiyacabanga, ngebhanoyi, ngase ngithi, “Nanto ikhehla lihlezi khona lapho manje.” Nomkakhe wayesezansi naye. Wayeneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha ubudala, wayekade esesihlalweni esinamasondo iminyaka engamashumi ayisithupha-nesithupha. Futhi wayelapho-ke, futhi ekhothama phansi. Nakini maBaptisti kulobubusuku, impela benifanele nimazi, wayeyiphini likamongameli weNgqungquthela yeBaptist Convention.

Ngakho manje-ke wa—manje-ke wayesethi, “Ndodana yami, waze kanjani ukuthi ngawela ohlakeni lotshani obomile na?”

Ngathi, “Mnumzane, bengingazi.”

152 Wathi, “Kufanele kuvele kuNkulunkulu, ngokuba lolo wuhlobo olufanayo lukadokotela owangihlinza, osekuyiminyaka ahamba.” Wathi, “Futhi akukho ncwadi efundwayo, nomaphi.” Wathi . . .

Futhi bangitshela, bathi, “NguCongressman Upshaw.”

153 Awu, angizange . . . Angahle ukuba washo othile ovela eNdiya, bengingeke ngazi noma yikuphi okwehlukile, ngoba ngangingazi nakhongolose. Futhi ngakho uMnu. Baxter wathi, “Lowo nguCongressman Willie D. Upshaw.”

Ngathi, “Angikaze ngizwe ngaye.”

Ngakho wathi, “Ngizophulukiswa, ndodana yami na?”

Ngathi, “Mnumzane, angazi. Into kuphela engingayisho yilokho engikubonayo.”

Futhi ngathi, “Seniwulungiselele umugqa womkhuleko na?”

Nomfana emi lapho, wathi, “Sekuthi nje.” Baqala owesifazane wenyuka.

154 Ngabuka nga*al*endlela. Lokho . . . Wonke umuntu wayekade elapho cishe iviki, wonke umuntu nganhliziyonye, konke u—ukungabaza kwase kuhambile. Futhi ngibone udokotela omncane egqoke ibhantshi likadokotela, efake izibuko zegobolondo lofudu, izinwele zikanywe zabhekiswa emuva, uhlobo oluncane, oluyisicaba, izinwele ezimnyama, into ethize nje njengoMfowethu Vayle ngapha. Wayegqoke . . . kodwa wayefake ezinkulukazi, izibuko zofudu, futhi wayehlezi phansi, enikina ikhanda lakhe. Futhi ngamchaza udokotela, ngathi, “Usanda kuhlinza nje encane, intombazane eyikhaladi ngamathansela ayo, futhi wawakhipha, futhi kwamkhubaza umntwana.”

155 Ngaleyonkathi nje le, ezansi le ku*lesi*sigaba, phansi nga*al*endlela, ngezwa omunye edazuluka ngephimbo labo lonke, futhi nakhu kufika u-Anti Jemima ojwayelekile, nangu eza, edonsa uhlaka, nendoda izama ukudonsa uhlaka lwayo, wayeshaya abangenisi nje kwesokudla nesokunxele.

156 Wathi, “Nkosi, hawukela, leyo yingane yami.” Futhi wathi, “Leyo kwakuyindoda-dokotela eyayihlinza.” Futhi ngakho ngaleyonkathi, isigejane esikhulu sabangenisi sambamba ngaphambi kokuba afike emsamo, kwakungalungile.

157 Ngathi, “Manje, buka umzuzwana nje, anti.” Ngathi, “Lokhu . . . Angikwazanga ukuphulukisa ingane yakho. Uma bengingahle ngikwazi bengiyokwehla futhi ngikwenze, kodwa angikwazi. Ngukukholwa kwakho uqobo okuzofanele kukwenze, noma umntwana.” Ngathi, “Kodwa wena emuva le

lapho, uMoya oNgcwele ubuyokwazi kanjani lokho na? Ngoba ubulaphaya ukholwa."

Wathi, "Ingane yami ilele lapha, Mfundisi, futhi sekube ngalendlela iminyaka emibili."

Ngathi, "Lowo ngumntwana."

Wathi, "Woza, ukukhulekele."

158 Ngathi, "Lokho bekungeke kulunge, anti. Uyabo? Kunamakhulu abantu lapha abaphethe amakhadi omkhuleko. Lesi yisikhathi sakho sokuqala emhlanganweni, awunakhadi lomkhuleko, ushilo." Ngathi, "Yehla nje bese ukhuleka, mhlawumbe iNkosi izoyiphulukisa ingane yakho."

159 Ngase ngithi, "Lethani umuntu olandelayo." Futhi nakho kwakukhona inenekazi elenyukayo, ngase ngiqala ukukhuluma nenenekazi. Kungahle kube nabantu abahlezi khona lapha, wayelapho ngalobobusuku. Futhi ngenkathi ngiqala ukukhuluma nenenekazi, ngabuka emuva futhi ngibone njengesitaladi esincane, kumnyama, futhi ngavele ngakubuka nje, okwehla kudabula e, kwakubukeka sengathi umhubhe, lentombazane encane eyiNigro yayinononodoli engalweni yayo, ithunduzela lonodoli, ihamba. O, he! Bonke odeveli ekuhlushweni abakwazanga ukukumisa ngaleyonkathi, kwakungu ISHO KANJE INKOSI.

Ngathi, "Anti, iNkosi uJesu iyiphilisile ingane yakho."

Wathi, "Usho ukuthi ingane yami, izokwazi ukuhamba na?"

Ngathi, "Ingakwazi manje."

160 Umfo omncane wasukuma, wathi "Buka lapha, Mama!" Nabantu baqala ukuquleka ngalapho. Futhi savumela umama athathe ingane ngesandla, ahambe ehle adabule kulezozikhala zezihlalo ezinde, evayizelisa kubantu.

161 Futhi lapho nje ngiphenduka, ngibone ukhongolose omdala egqoke isudu ensundu, enemishwe emincane, wagqoka isudu eluhlaza okwesibhakabhaka nothayi obomvu ngesikhathi, wayehamba ngqo phezu kwamakhanda abantu. Kwakungukuphatha kahle izihambi kwaseningizimu impela, ehamba-hamba, ehamba *kanje*. Ngathi, "Congressman," bagijimisela okokukhuluma kuye ngokushesha, ngase ngithi, "awunayo ensundu, isudu enemishwe emincane na?"

Wathi, "Ndodana yami, ngisanda kuthenga eyodwa izolo."

162 Ngathi, "ISHO KANJE INKOSI: Kubukeka sengathi uNkulunkulu wayeyokuphulukisa ngenkathi wawucishe ube neminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala namathambo akho onke esemncane, ukulinda uze ube namashumi ayisishiyagalombili-nesithupha bese-ke eyakuphulukisa!" Kodwa ngathi, "Usekuphulukisile, Congressman."

Wathi, “Uqonde ukusho ukuthi, ndodana yami, ukuthi ngingasukuma kulesisihlalo na?”

163 Ngathi, “NgeGama likaJesu, woza lapha!” Naleyondoda, iboshelwe kwesayo . . . Ngenkathi bemphakamisa njengoMongameli Roosevelt, nalezo ezinkulu, izinto ezinkulu phezu kwakhe, izinsimbi, futhi wahamba, niyazi ukuthi wayehamba kanjani, uma benimazi, futhi walahla lezo phansi, waphakama esihlalweni sakhe esinamasondo, wagijimela emsamo wase ethinta izinzwane zakhe *kanjalo*, futhi wasukuma njengendoda yangempela. Futhi uhlasela isizwe.

164 Futhi emhlanganweni kaBilly Graham, wama ezitebhisini zeHlala Mongameli, ecula, *Ngencike EZingalweni Zaphakade*. UJesu usaphila futhi uyabusa. Ngoba wakholwa. Akabheki buso babantu, Unguye impela nje kulobubusuku njengoba Wayenguye ngaleyonkathi. Into kuphela Ayifunayo ngukuthola umuntu othize ozoba nokukholwa kuYe.

165 Kulungile, mnumzane, wena . . . O, ngabe lokhu . . . ? O, ngiyaxolisa. Nanti elamanqamu. Nansi indawo lapho engizotholakala khona ngingumprofethi wamanga, neZwi likaNkulunkulu lingembuliwe futhi lifunyanwe liyisiphosiso, noma Kuzomemezela ukuthi uNkulunkulu usaphila futhi uyabusa, owavusa uJesu kwabafileyo.

166 Mangaki amaKristu aphakathi lapha na? Ake sibone izandla zenu, amakholwa angempela. Khona-ke kumele uMsindisi wenu. Manje, uma uJesu enguye izolo, namuhla, naphakade, futhi singumvini, Yena uyigatsha, khona-ke umvini uzofanele uveze umfanekiso wokuphila ukuthi, igatsha, njalo, lizoveza uhlobo lokuphila oluseMvinini. Ngabe kunjalo na?

167 Wathi, “Imisebenzi . . . Lezizinto eNgizenzayo nani niyakuzenza.” Ngabe Wakusho na? “Kuseyisikhashana nezwe,” (*Kosmos* lapho kusho “uhlelo lwezwe.”) “lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina; ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe.” Amakholwa azoMbona.

168 Ngokwazi kwami, lesi yisikhathi sokuqala ukuba ngike ngibeke amehlo kowesifazane, ngokwazi kwami. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Uyangazi na? [Udade uyakhuluma futhi.] O, uke waba semihlanganweni yami. Kodwa ngiqonde ukuthi angikwazi wena, mayelana nalokho. Ngokwazi kwami, ukukubona noma ukukubuka, bengingeke ngakutshela. [Udade uyakhuluma futhi.] Ubusemhlanganweni wase-Indianapolis ngehlobo eledlule ngoJuni. Awu khona-ke, bengingeke ngibe nendlela yokwazi ukuthi uzele ini lapha. Uma Ezokwembula, uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

169 Ngabe izethameli zizokukholwa na? Manje, nasi esinye isithombe njengoWesilisa nowesifazane emthonjeni, iNkosi yethu nowesifazane waseSamariya. Manje, lona wesifazane

ubengama lapha engumgxeki, angazi, ubengama lapha engumKristu, bengingeke nginitshele.

170 O, bangaki owayesemhlanganweni wangoLwesithathu ukubona lowomfo owagijimela emsamo, owayecabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo futhi lapho ethathe leyonkathazo na? Lapho, indoda eyodwa emuva lapho yayikhona.

171 Ngenkathi egijimela emsamo, wafaka ekhadini lakhe, wama . . . waya emsamo wayesethi, "Sawubona?"

Ngase ngithi, "Sawubona, mnumzane?" Wathi . . . Ngathi, "Wena? Akukho lutho olungalungile kuwe."

Wathi, "Yebo, kukhona." Bengikhathele, khona impela ekupheleni komugqa. Wathi, "Yebo, kukhona." Wathi, "Bheka ekhadini lami lomkhuleko ezansi lapho."

Ngathi, "Angikhathali ukuthi unani ekhadini lakho lomkhuleko."

Wathi, "NgineTB, ngine, o, zonke izinhlobo zezinto." Niyabo? Ngakubamba ngayo leyonkathi ukuthi icebo lakhe lokuphamba laliyini. Wathi, "Awu, bheka ekhadini lami lomkhuleko."

Ngathi, "Angazi ukuthi ufake ini ekhadini lakho lomkhuleko, mnumzane, anginandlela yokwazi lokho. Kodwa ngiyazi ukuthi akukho lutho olungalungile kuwe manje."

Futhi wathi, "Awu, kanjani . . . ? Kwenzekeni na?"

Ngathi, "Bengingeke ngakutshela. Ungahle nje ukuba uhlale phandle lapho futhi waphulukiswa laphaya ezethamelini."

Wathi, "Ngakho yileyondlela okungayo, kunjalo na?"

172 Kwase kuthi-ke iNkosi yafika nombono. Ngathi, "Kungani udeveli efake enhliziyweni yakho ukuba uqambe amanga phambi kukaNkulunkulu na?" Ngathi, "Okufake ekhadini lakho lomkhuleko, unakho khona manje." Ngathi, "Ungumshumayeli, naleyondoda ehlezi khona phezulu lapho egqoke leyosudu empunga kuvulandi osesitezi yilowo obenawe izolo ebusuku, futhi nihlale ekamelweni nencane, eluhlaza satshani endlalwe phezu kwetafula, futhi watshela umkakho ukuthi bewazi ukuthi bekungukufunda ingqondo. Futhi uthole ikhadi wase ungena lapho."

Lowomfo wasukuma phezulu lapho, wathi, "Mfowethu Branham, lelo yiqiniso, bengikhona lapho kanye naye."

Ngathi, "Manje, obekusekhadini lakho lomkhuleko unakho." Yafa cishe ezinyangeni eziyisithupha kamuva ngomdlavuza. E-hhe, e-hhe.

173 Kuthiwani ngomhlangano nalomfo . . . ? Baqasha lomfo ukuba eze futhi . . . Hhayi ukuthakatha, kodwa yini enibabiza ngayo labobafo abaya ekhempini futhi baphonse amalumbo kubantu, niyazi, babenze bakhonkothe njengenja na? Ukuthwebula.

174 Futhi ngangikhulekela abagulayo, futhi ngangilokhu ngizwa lowomoya omubi ndawo ndawo. Futhi ngokwejwayelekile sineminye yawo ngapha, niyazi. Kodwa uma ugcina amaKristu ekhuleka, ne . . . kugcine phansi.

175 Ngakho, manje-ke, kwakulokhu kuya ngokuba kubi kakhulu ngase ngibuka ngale ngase ngibona umbono. Ngathi, "Ukwenzeleni lokho na? Umlaleleleni udeveli na?" Ngathi, "Ngenxa yokuthi ukwenzile lokho, awuzukusuka esihlalweni sakho." Nendoda isakhubazekile. Kunjalo. Bayihola bayikhipha esakhiweni ngalobobusuku.

176 Ibhale izincwadi izikhathi eziningi, "Ngingeza emhlanganweni na?"

Ngathi, "Phenduka phambi kukaNkulunkulu, uzilethele lokho qobo lwakho, angihlanganise lutho nakho." Kunjalo.

177 Ngakho qaphelani, asidlali isonto, yiNkosi uJesu. Amakhulu alezozinto.

178 Kuthiwani ngaleso sikhulu ePhoenix lapho embuthweni wamaphoyisa na? Mhlawumbe nikufundile lokho ephepheni lenu, sahlanya ngokuphelele khona emhlanganweni. Sahlala lapho, sasicabanga ukuthi sasazi . . . sasicabanga ukuthi Kwakuyisayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, kodwa sithola ukuthi KwakunguMoya weNkosi uJesu. Kunjalo.

179 Ukuthi bangihudulela kanjani phezu kwayo odakeni nakho konke, phandle lapho bezama ukungithola ukuba ngisho ngibeke izandla zami phezu kwayo, kanjalo. Ngathi, "Mnumzane, angihlanganise lutho nalokho, uwena owenze lokho."

Umkayo wathi, "Kodwa, Mnu. Branham, ungabi ngongenanhliziyo."

180 Ngathi, "Akusimina, yisono sakhe uqobo phambi kukaNkulunkulu. Mfowethu, wazilethela khona kuye uqobo, anginasibopho ngalokho, ngibophezeleke kuphela ngamakholwa."

181 UNkulunkulu wathi, "Thola abantu ukuba bakukholwe, futhi ubeqotho, akukho lutho oluzoma phambi komkhuleko wakho." Kodwa ongakholwayo, angihlangene ngalutho nakho. Ngahle ukuba ufile manje ngakho konke engikwaziyo. Niyabo? Kunamakhulu nje alezozinto ezenzeka.

182 Ngifisa sengathi benginganitshela nge-Afrika, ngeNdiya, ukuthi izinyanga bathakathi beziyohlala kanjani kuzo zombili . . . Futhi ningacabangi ukuthi angeke bakhuphuke, impela bazokwenza. Akukaze kube nesikhathi, akukaze nakanye ukuba kuze kwenzeke, kodwa lokho iNkosi uJesu eyakungenisa enkundleni. UnguNkulunkulu. Impela.

183 Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, gcinani isihlalo senu.

184 Nenekazi, uma bengingakusiza ngandlela thize futhi uma okwasekhaya, ezezimali, ukugula, kumbe noma ngabe bekuyini, bekuyoba kuncane kakhulu ebengingakwenza. Kodwa ngi—ngifuna ukusho lokhu, ukuthi ngizo—ngizoba qotho ukuzama ukunisiza kunoma yini enidinga usizo ngayo.

185 Kodwa manje, uma kuyinto ethize efika ngokubuyisana, kungumsebenzi osuqediwe, kuzoba ukukholwa kwakho. Kodwa uma uNkulunkulu ezokwembula kimi, azi ukuthi yini onayo enhliziyweni yakho, ungakholwa ukuthi bekuyiNkosi efanayo eyakhuluma nowesifazane. . . ? Manje, hhayi umfowenu manje, ngingumuntu nje. Kodwa ngikholwa ukuthi kwakuyiNkosi efanayo eyakhuluma nowesifazane emthonjeni, yaze Yabamba ukuthi umoya wakhe wawuyini, yase-ke imtshela ukuthi yayikuphi inkathazo yakhe na? Ubungakukholwa ukuthi kuyafana na?

Manje hloniphani ngokuzithoba.

186 Uhlushwa yisimo sokwethuka ngokwedlulele. Khona-ke, unokuthile okungalungile ngomlenze wakho, futhi, ofuna ngikukhulekele. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Unokungaphezu kwalokho ofuna ngikukhulekele. Ukukusiza nje: Ube nokuhlinzwa, lokho bekusemphinjeni wakho, kusobala ngiyasibona isibazi, bakhipha isifo sokuvuvuka komphimbo. Kodwa nansi enye into ongeke uyibone: Bafuna ukwenza enye into ethize kukho manje, lokho kuvela ekuhlinzweni, ukunamathelana kwezicubu kukhule phakathi lapho, futhi bafuna ukukusika. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kunjalo, akunjalo na? Uma kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje uyakholwa na? Uyakholwa?

187 Uyakholwa phandle laphaya na?

188 Kukhona okuthize ngowesifazane. Ngifuna ukukhuluma naye umzuzu nje, ngoba unenye into ethize engalungile, noma into ethize enhliziyweni yakhe.

189 Kungokomunye umuntu, leyo indoda, futhi ayikho lapha. Angikwazi ukucosha umoya wayo, nomaphi. Kunjalo. Ngumyeni wakho, yilokho okukhulekelayo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi yini engalungile ngomyeni wakho, uzomkholwa na? Yindlebe yakhe. Kunjalo. Hamba, ukholwe manje. Konke kuzophela eGameni leNkosi uJesu.

190 Niyakholwa ngenhliziyo yenu yonke na? Kuyini na? UMfowethu Branham na? Qhabo, mnumzane. Yilokho impela uJesu akwenza ngenkathi Elapha emhlabeni. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Futhi Ulapha ukuba azimemezele Yena uqobo phambi kwabantu beZizwe ngaphambi nje kokuFika kwaKhe. Niyakukholwa na?

191 Uma iNkosi izongitshela ukuthi yini inkathazo yakho, uzoYikholwa, futhi na? Ngifuna ukuthola okungenani abantu

abathathu emgqeni, abathathu yisiqinisekiso. Awukho lapha ngesingawe, ulapha ngomunye umuntu, isihlobo, umkhwekazi, futhi lolo udaba lwengqondo, ubuhlanya. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uzophuma kukho na? Uma ukholwa, hamba futhi ukwemukele njengoba nje ukholiwe, futhi kwangathi iNkosi ingakupha.

192 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa kuleyonkathazo yenhliziyo na? Uyakholwa na? Kulungile. Khona-ke ungaba nakho. Niyabo?

193 Manje, niyabo, akazange athinte. . . Uthinteni na? Uqhele ngamafidi angamashumi amathathu noma amashumi amane kimi, kodwa wenzani, mngane na?

194 Wena uthi, "Ngabe lokho kusemBhalweni na?"

195 Ngokoqobo. Owesifazane wathinta ingubo yaKhe, Wathi, "Ubani oNgithintile na? Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka," noma *amandla*, okungamandla okuqina, ahambile. Bangaki okwaziyo lokho na? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, ubungaMthinta manje na? Bangaki kini makholwa ofunda iBhayibheli owaziyo ukuthi iBhayibheli lasho UngumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Konke ngumBhalo.

196 Manje sekuphelile, dadewethu, ungaya ekhaya manje, ukukholwa kwakho kukusindisile. Awudingi ikhadi lomkhuleko, ukukholwa nje kuyakwenza.

197 Siyizihambi omunye komunye, nenekazi na? Lokhu ukuhlangana kwethu kokuqala, ngiyethemba, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Sazalwa, mhlawumbe, amamayela ngokwehlukana neminyaka ngokwehlukana, kodwa uNkulunkulu usazi sobabili. Uma Ezongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzokwemukela na? Uyazi sobabili sizoma eBukhoneni baKhe ngolunye usuku. Uma bengingakusiza futhi ngingakwenzi, bengiyoba ngumuntu omubi kabi.

198 UMkholwa ngeqiniso ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yesisu izohamba na? Uqotho kabi ngalokho, ndodana. Sekuphelile manje, hamba, udle ukudla kwakho kwakusihlwa manje futhi ukuthokozele. Isimo sokwethuka sibangele lokho, isimo sesilonda esingaphakathi esiswini. Ungangabazi nje, qhubeka, uzosinda.

199 Uma iNkosi izokwembula ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ukuhlangana kwethu kokuqala, kodwa Akamangalisi na? Uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo. Futhi uyazi umile phambi komfowenu ngeke kukwenze uzizwe kanjalo. Uma izethameli zingalizwa iphimbo lami namanje, lokho kuKhanya, leyoNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli leyo yenziwa inyama futhi yakha phakathi kwethu, ivela kuNkulunkulu futhi yabuyela kuNkulunkulu, yahlangana noPawulu esendleleni ebheke

eDamaseku leyoNsika yoMlilo eyamphuphuthekisayo, Leyo Ezithombe zaYo silenga eWashington, DC, sinaYo lapha, imi phakathi kwami nalona wesifazane.

200 Owesifazane unomthwalo wezinkathazo enhliziyweni yakhe. Kunjalo. Uhlushwa yinto ethize enzima kakhulu, inkathazo yesinye. Lokho kubi, akunjalo yini, dadewethu na? Ukwethuka okubi kabi. Unomuntu othize enhliziyweni yakho. Unenkathazo yasekhaya ekhaya lakho, yilapho inhliziyo yakho ikhona, lowo ngumyeni wakho, izenzo zokungaziphathi kahle, omunye umuntu. Nendoda inomdlavuza. Uyakwazi lokho na? Iyafa, iyisoni. Yiqiniso lelo. Hamba, ukholwa manje. Kwangathi uNkulunkulu angakupha khona.

201 Nkosi, Nkulunkulu . . .?. . .

202 Woza. Uyakholwa, nenekazi na? Ngiyisihambi kuwe. Angikaze ngikubone empilweni yami. Kodwa . . . Uyakholwa ukuthi leyonkathazo yesisu ikushiyile na? Kukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, ungaba nakho.

203 Ngilokhu ngibona phakathi lapha ingane enesibhono, angikwazi ukusho. Nansi ise, ilele emathangeni alelinenekazi. Kulungile, nenekazi. UNkulunkulu akubusise. Ubambe ingubo yaKhe nje ngaleyonkathi. INkosi ibe nawe, nenekazi. Ingane iphulukisiwe.

204 "Uma ukholwa, konke kungenzeka." Ngakho kholwa nje. Manje ingane isihambile phambi kwami.

205 Uhlushwa yisimo sokwethuka esedlulele. Futhi isizathu sokuba lesisimo sokwethuka sibe nesihluku yingoba usanda kwedlula esikhathini abesifazane abedlula kuso esibizwa ngokunqamuka ukuya esikhathini. Ngesikhathi salokhu ukunqamuka ukuya esikhathini, ube nomzabalazo omkhulu, ukucindezeleka kwesitha. Wakhulekelwa ngalesisikhathi, futhi unokukhululwa, kodwa kukushiye usesimweni sokwethuka. Lelo yiqiniso.

206 Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, inceku yaKhe na? Lokho akukho konke enhliziyweni yakho, unenye into ethize, lokho kungokothandiweyo, lowo ngudade. Lowodade akekho lapha, useduze kwechibi elikhulu, nechibi yiLake Erie. Futhi usesibhedlela, useCleveland, e-Ohio, unomdlavuza, umdlavuza usezibilini. Usehlinzwe izikhathi eziningana ngenxa yawo, futhi ulindele okunye ukuhlinzwa. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Kholwa manje. Kwangathi uNkulunkulu angapha . . .?. . .

207 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, nenekazi.

208 (Ngabe sisenabo abathathu emgqeni okwamanje na?) IBhayibheli lathi, "Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu, onke amazwi mawaqiniswe." Niyakholwa manje,

yonke inhliziyo yenu na? Khona-ke yini esele na? Ukukholwa kwakho nje kuYe, ukukholwa kwakho okuthi entabeni ephambi kwakho, "Nqukuleka futhi ulahlwe usuke endleleni yami. Mdlavuza, hamba. Bumpumputhe, hamba. Kukhubazeka, hamba. Phonseka olwandle, ngokuba ngiyaqhubeka ngenxa yeNkosi uJesu." Khona impela . . . Lapho ukhuluma lelozwi, kukhona okuzokwenzeka.

209 Uyaqonda ukuthi useBukhoneni bukaNkulunkulu onamandla onke na? Lowo nguYe, Lowo oyoma phambi kwakhe ekwaHlulelweni. Akashongo yini ukuthi, "Uma ababili noma abathathu beyobuthana eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo"? Khona-ke iZwi laKhe liqinisile na?

210 Umzuzwana nje ngalona wesifazane emi lapha; sinaye phezulu lapha. Uma siyizihambi komunye nomunye, ngabe yilokho okuqinisile na? Mhlampe, ngabe yisikhathi sethu sokuqala ukuhlangana na? [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl] Ubulapha izolo kusihlwa uhlezi nje laphaya ezethamelini. Kulungile. Khona-ke angazi lutho ngawe. Usemncane kakhulu kunami, futhi a—angikaze ngikubone empilweni yami, kodwa uma iNkosi uJesu izongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

211 Ngabe izethameli zizokwenza na? Ngabe kuzokuxazulula ingunaphakade na? Lona wesifazane nami lapha, sobabili siphakamise izandla zethu, asazani. Futhi silapha, simi lapha kulobubusuku, isikhathi sethu sokuqala ukuba sike sihlangane.

212 Manje, yini ebingakwenza na? Bengingakwenza na? Kuthatha ubuNkulunkulu ukukwenza. Manje, uzofanele uvume, ukuthi kuzofanele kufike ngamandla athize angaphezu kwemvelo. Manje, kuya ngokuthi ucabanga ukuthi kuyini, uma ucabanga ukuthi nguBelzabule, khona-ke uthola umvuzo wakhe; uma ukholwa ukuthi nguKristu, uthola umvuzo waKhe. Kunjalo. Kuya ngokuthi *wena* ucabangani.

213 Futhi Wena osezethamelini, qhubeka ukhuleka. O, noma yini ibingenzeka nje khona manje! Niyazi, ngineqiniso, ngikhulekela ukuthi uNkulunkulu ungiphe umusa emehlweni enu.

214 Kubukeka nje njengenkungu kulesisakhiwo kimi, ngoba nje ngiqhaqhazela ngakho konke, impela, ngibuthakathaka kakhulu, angikwazi neze ukuphuma lapha. Uma owesifazane oyedwa athinta ingubo yaKhe nobuthakathaka baphuma eNdodaneni kaNkulunkulu, kuthiwani ngami, isoni esisindiswe ngomusa na?

215 UMuntu owazalwa ngokuzalwa yintombi, futhi okuNguye kuphela owake waba ezweni, nowesifazane oyedwa wathinta ingubo yaKhe, bukani ukuthi kwenzekeni kulobubusuku. Yini eyenza lokhu na? Yini lona wesifazane na? Angazi lutho ngaye. Kuzofanele kuthathe ukukholwa kwakhe uqobo ukukwenza,

lesi yisiphiwo nje, angisilawuli, owesifazane uyasilawula, yenza ukulawula, owesifazane wenze ukulawula.

216 Manje, emibonweni emikhulu, UNkulunkulu uyehla futhi angikhombise konke mayelana nendawo ethize ukuya kuyo, nokuthi ngenzeni, nokuthi kuzokwenzekani, ngitshela abantu impela nje. Nginemiyaka engamashumi amane-nesishiyagalombili ubudala, izinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane, namashumi ezinkulungwane zakho kwenzekile, futhi akukaze nakanye kwehluleke nokukodwa, nakanye emhlabeni jikelele.

217 Yana emazweni futhi ubone abantu, futhi wazi ngisho ukuthi amagama abo angobani, angikwazi ukubiza amagama abo, angikwazi ukulikhuluma, ngiyalipela nje, nakho, ngaso sonke isikhathi, kuphelele. NguKristu ezibonakalisa Yena uqobo ngaphambi nje kokuba Angene ekwahlulelweni.

218 Manje, uma abantu besengakwazi ukuzwa: Inenekazi lifanele ligule kakhulu, ngoba kade lisekunakekeleni kukadokotela. Futhi wenza okuthile ngengalo yakho, o, ngukusonga okuthile engalweni yakho, kungokomfutho wegazi, ngumfutho wakho wegazi omubi. Kunjalo. Futhi uyakweluleka kubi kakhulu, kuze kube sesimweni esiyingozi. Kunjalo. Lowo ngu USHO KANJE UMOYA ONGCWELE. Ukweluleka ukuba wenze okuthize e. . . Ngikholwa ukuthi ngiyamuzwa ethi yana kwabakwaMayo, yilokho akusho. Uyakholwa ukuthi ngibuka lowomfutho na? Ngamakhulu amabili namashumi ayisithupha, umfutho wakho wegazi. Kunjalo impela.

219 Kodwa awusuye owaseMinneapolis noma eMinnesota, ungowasezweni elinamahlathi, eliyisicaba, izwe eliyisicaba elinamahlathi. Uhlala eduze kwendawo lapho kunechibi khona, nechibi likweliyinqaba. . . EPaw Paw, ePaw Paw Lake. Futhi u—ungowaseMichigan, futhi useduze kwedolobha elibizwa ngeDowagiac, yilapho ohlala khona. Igama lakho ungu-Evalyn Pierce. Kunjalo. Manje hamba futhi ukholwe futhi uphiliswe.

220 Asithi, "Mayibongwe iNkosi uJesu," futhi siYinike udumo. "Uma ukholwa, konke kuyenzeka."

221 Manje, ngibambe ukucabanga okuthi bekungukufunda izingqondo. Nenekazi, beka isandla sakho kwesami lapha umzuzu nje. Uma iNkosi izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa njengenceku yaYo na? *Leli*nenekazi. UNkulunkulu uzobuyisela igazi lakho kuwe nalesosimo sokushodelwa yigazi sizosuka. Uyakukholwa lokho na? Khona-ke hamba ngendlela yakho futhi uthokoze futhi uphiliswe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho manje.

222 Angimazi owesifazane. Beka isandla sakho nje kwesami, nenekazi. Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela, ngibuka *ngapha*, ngakho niyabo akusikho ukufunda ingqondo, niyabo,

uzongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, ungeke, nenekazi na? Impela. Kwangathi Angakupha.

223 Owesifazane usibekelwe ukufa, kunethunzi elimnyama elilenga phezu kowesifazane, unomdlavuza. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi Uzokuphulukisa na? Hamba, wemukele ukuphulukiswa kwakho khona-ke futhi uphiliswe ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

224 Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyiphulukisile leyonkathazo yenhliziyo, uhlezi lapho na? Khona-ke hamba ngendlela yakho umemeza, futhi nje udumise uNkulunkulu.

225 Manje, ubunenkathazo yenhliziyo, futhi, kanti futhi ubunesifo samathambo, ngakho hamba ngendlela yakho, uJesu Kristu uyakusindisa.

Uyakukholwa na?

226 Ucabangani, nenekazi na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyiphulukisile leyonkathazo yeqolo uhlezi lapho na? Uyakholwa na? Awu, hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uthi, "Ngiyabonga, Nkosi Jesu, ngokwenza lezizinto ezinkulu."

227 Ubunenkathazo yamanenekazi, unokwethuka futhi unenkathazo yenhliziyo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? Hamba ngendlela yakho uthokoza.

228 Bangaki ofuna ukuhamba endleleni yabo bethokoza futhi bebonga uNkulunkulu na? Phakamisani izandla zenu. Yimani ngezinyawo zenu. ("NgizoMdumisa, ngizoMdumisa.") Senilungele na?

Asikhuleke.

229 Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, Mnikezeli wezipho zonke ezinhle, uMoya waKho ulapha, Nkosi, Ubhaphathize abantu ngamandla nokukholwa.

230 Ngiyala udeveli, unecala, futhi ungumkhohlisi, futhi sibize isandla sakhe. EGameni likaJesu suka kuwo wonke umuntu ogulayo noma ohluphekile!

231 Ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, ngicela lokhu, futhi kuyakwenzeka, ngokuba uNkulunkulu ukwethembisile.

NgoMdumisa, ngoMdumisa,
Dumisani iWundlu ngokuhlatshelwa izoni;
Mnikeni udumo nonke nina bantu,
Ngokuba iGazi laKhe lingageza lisuse . . .
(. . .?. . .)
Ngodumisa . . .

232 Ukusho ngempela na? Uthatha izwi lami njengenceku yaKhe na? Phakamisa izandla zakho, uMnike udumo, kuzohamba.

Dumisani iWundlu ngoku . . .

233 O, Ulapha! UMoya oNgcwele uhamba nje phezu kwezethameli zonke, ezibhaphathiza ephindaphinda, zithola indawo yokungena.

Ngokuba elaKhe . . . ibala ngalinye. 

58-0208 Indlovukazi YaseNingizimu
ESouth Bend Gospel Tabernakele
ESouth Bend, E-Indiana E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org